

# *UKWEMBULWA*

## *KUKAN KULUNKULU*

 Asiqhubekeni simile okwesikhathshana nje lapho sikhothamisa amakhanda ethu ukuze sikhuleke.

<sup>2</sup> Nkosi yethu eloMusa, ngeqiniso silokubonga lamuhla ngalelithuba esilalo lokuzibuthanisa sibisethu ndawonye emhlabeni phambi kokuBuya kweNkosi. Masihlole inhliziyo zethu lamuhla, ngeLizwi Lakho, futhi sibone nxaxa siseKholweni, ukuze silungele, ukuthi, ihola lokuBonakala Kwakhe. Ukuthi sibe njengalokho uMbhalo okukhulumileyo ukuthi kuzakuba yikho, “Sihlwithwe ndawonye, lalabo abaleleyo, futhi sihlangane leNkosi emoyeni, futhi sibe kanye Laye nininini.”

<sup>3</sup> Siyakubonga Wena ngoMoya weqiniso wesiKhristu olokhe usemhlabeni, phakathi kwabantu, ukuze balokhu bekukholwa Wena leLizwi Lakho. Ngakho siyacela izibusiso Zakho phezu kwethu lamuhla, ukuze Uthele phezu komunye lamunye wethu lokho esikudingayo, ukuze sithelezelwe ngeliLizwi, ukuze sikhule ekubeni yizitsha zokusetshenziswa ezandleni Zakho, okwalolusuku lokucina. Ngoba siyakucela lokhu eBizwemi leNkosi uJesu Khristu, uMalusi wethu omkhulu, esimkhangelele ukubonakala. Ameni.

Lingahlala phansi.

<sup>4</sup> Futhi ngifuna ukuthi ngithi lokhu ngikuthatha njengethuba elihle kakhulu lokhu kusa lokuba lapha njalo. Futhi ngilusizi ukuthi kasilandawo eneleyo yokuhlala. Futhi sizakuzama, lobubusuku, manje ukuba lomkhuleko kwabagulayo; lamuhla, lokhu kusa, kuzakubanzima kancinyane.

<sup>5</sup> Futhi—futhi bengizakuthepha luMbiko lamuhla. Ngi... INkosi yakhangeleka isebenza lami mayelana ngakho, o, inyanga kumbe ezimbili ezedluleyo, futhi sekukude. Futhi kangila isikhathi phandle emihlanganweni, ngoba sivumela lokho ekubeni amatshumi amathathu, amatshumi amane emizuzu yenkonzo. Futhi—ke thina... Ngenxa yabantu bemele ukuya emisebenzini lezinto, ngakuthola kungcono aluba ngingenza iMibiko yami ibemifitshane. Futhi abazange babe lesikhathi phandle lapho ukuwurekhoda, Ngakho ngacabanga ukuthi ngizalinda nje ngize ngifike eThabhanekeli lapha futhi—ke ngiwurekhode kusukela lapha. Futhi mudenyana, futhi ngingiyazi ukuthi limile, futhi ngi—ngizajaha nje ngokuphangisa engingakwenelisa. Futhi, manje, alisoze lingikhathaze nxaxa lintshintshana izihlalo, kumbe loba kuyini okunye, lokho kuza—

lokho kuzabe kulungile ngokupheleleyo ngami, ngoba lolu lusuku olukhethekileyo ukuthi senze nje amarekhodi lawa.

<sup>6</sup> Futhi-ke silemibiko emikhulu kulokho iNkosi ekwenzileyo phandle enkundleni, kodwa mhlawumbe sizakupha okunengi kwalokho lobubusuku lapho singenelisa ukunikeza isikhathi esinengi kikho, sibe lesikhathi esinengi sokunikeza.

<sup>7</sup> Futhi manje siyathemba ukuthi iNkosi izabusisa munye lamunye wenu. Ngiyazi inhliziyo zenu zigcwele ngentokozo, likhangelele ukuBuya kweNkosi. Futhi leyami njalo, iyaphuphuma, ukubona izinto zisenzakala ngendlela ezingayo. Futhi—futhi umbango wesizwe, lebandla esimwени esikilo, futhi lokubona izibonakaliso zokuBuya Kwakhe, konke enyameni lasemoyeni, futhi lokwazi ukuthi lesi isikhathi sokuBonakala Kwakhe sesisondele kakhulu, kugcwaliswa nje inhliziyo yethu ngentokozo ukwazi ukuthi sizakuguqlwa ezinye zalezinsuku. Sizaguqulwa kulezi izidalwa esiyizo.

<sup>8</sup> Manje, ngiyakholwa, nxa ngizwisisa, balokuxhunyaniswa kwefoni kwenye indawo, ukuthi luMbiko uya ePhoenix futhi lase—futhi lasendaweni ezechlukeneyo, ngefonni. Futhi-ke manje siyathemba ukuthi nxa lokho kunjalo...Angazi; ngitshelwe lokho nje ngingakangeni phakathi. Futhi—futhi bonke abantu phandle lapho bayakholisa impilakahle enhle le—leNkazimulo yeNkosi phezu kwabo.

<sup>9</sup> Futhi manje—manje sizakuvula iLizwi leNkosi. Futhi lokho esiyikho sonke lapha yikuzikholsela sibisethu lokulalela lokho esiyikho...A—asibuyi lapha futhi si...Akula loyedwa okhona okwaziyo ukuthi loba nguphi umuntu ongahlala kulokhu kutshisa njengalokhu, futhi ngomcabango nje wokuba lapha. Silapha okwenjongo eyodwa, futhi lokho, “uhambo olusondelane loNkulunkulu.” Yikho kuphela esingakwenza, yikukholwa iNkosi uJesu ukuthi ilathi. Futhi silapha uku—ukusondelana Laye.

<sup>10</sup> Manje lokhu ukutshisa kunzimanyana kimi. Ngingazathi ngijwayelane lokutshisa okomileyo phandle-le eTucson, okuyi...Isifudumezi lapha manje; ukutshisa kwethu lapho kutshisa kakhulu ukwedlula lokhu, kodwa komile. Isifudumezi sethu kwesinye isikhathi simatshumimabili kuphesenti eyodwa, mhlawumbe, enye into enjalo, okufanana nje lokuphila ngaphansi kwethente le-oksijini. Kodwa lapha lilo—lobumanzi phakathi kwalo, futhi kukwenza nje uzwe sengathi “ukhamekile,” njengesasivame ukukubiza. Ngakho kunzima kini, ngakho ngiyakwazi lokho, futhi lina bomama lezingane ezincinyane lani bantu elimileyo, abadala labatsha, futhi libekwe ndawonye njengalokhu eliyikho. Futhi manje sisithemba ukuthi uNkulunkulu uzalivuza kakhulu ngokuzinikela kwenu.

<sup>11</sup> Ngiyazwisa ukuthi uMfowethu Roy Borders ulapha kwenye indawo. Ngamuzwa emenyezelwa, kodwa ngiyethemba mhlawumbe ubengeke angene phakathi. Kulungile. Nguye umphathi wemihlangano.

<sup>12</sup> Ngakho manje sifuna njalo ukumemezela ukuthi lowo owayevame ukuba phakathi kwethu uhambe ukuyakuba leNkosi lokhu kusa, indoda, uMfowethu Jackson ovela eSturgis, Michigan. Akula owaziyo ukuthi uhambe njani kumbe ini mayelana ngakho. Ubekahle nje, futhi nje wa... Ngicabanga bamthole efile, kumbe enye into. Ka—kangizange ngenelise ukuthola okugcweleyo kwakho. Futhi silokubonga kakhulu kuNkulunkulu ukuthi uMfowethu Jackson wayengumKhristu. Bengingambonanga okweminyaka ethile, kodwa wayehlezi phakathi kwethu futhi ungomunye wethu. UNkulunkulu aphumuze umphefumulo wakhe oliqhawe! Ehamba kanjalo, siyakholwa ukuthi mhlawumbe kwakungenye into, ukuthi kwasekuyisikhathi sokuthi ahambe. INkosi ayizange isilimukise ngakho, kumbe yena ngakho, uphongukuhamba nje. Leyo kwakuyindlela okwakuyiyo. Futhi ngifuna ukufonela umkakhe nje ngokuphangisa engingakwenza, futhi ngimtshele usizi lwethu. Futhi sonke sifuna ukupha ukubonga kuNkulunkulu ngempilo yakhe yesiKhristu yobuqhawe, lalokho ayekutsho lapha emhlabeni, futhi ikakhulu kithi lapha kulumbuthano walindawo.

<sup>13</sup> Manje lobubusuku, ngimemezile ukuthi kuzakuba lomkhuleko wabagulayo lobubusuku, futhi ngizakhulumu okunengi mayelana ngabagulayo lobubusuku.

<sup>14</sup> Kodwa okwalesisikhathi, kasingene siqonde eLizwini manje, ngoba kuminyene futhi kuyatshisa. Sizakungena khona eLizwini. Ngifuna ukubala kuvela ezigabenzi ezimbili zoMbhalo lokhu kusa, ezinde, ukuze kunginike isisekelo esincinyane kulkho engifuna ukukutsho.

<sup>15</sup> Futhi, manje, ngifisa ukuthi ngabe bengabamba ithephu, uMfowethu Sothmann labanye, bengakayithengisi, nxu kusenzeka, futhi ngi—ngizathanda ukuyilalela singaka... ingakaphumeli phandle emphakathini.

<sup>16</sup> Manje ku...ngifuna ukubala kwabaseFiliphi, isahluko 2, 1 kusiya ku8; labaseKhorinte besiBili 3, siqala ngeyesi 6, futhi sibala esahlukweni 4 sabaseKhorinte besiBili, okwesisekelo nje. Manje kwabaseFiliphi, isahluko 2, ngizabala kuqala.

Singakabali, asikhulekeni.

<sup>17</sup> Nkosi Jesu, iLizwi Lakho liyiQiniso. Futhi kuleliholo elohlupho esiphila kulo, isizwe simelana lesizwe, izifo, ukuzamazama komhlaba endaweni ezinengi, inhliziyo zabantu ziphela amandla, ukwesaba, sibona umbhalo wesandla emdulwini. Manje, lokho kusesigabenzi semvelo, ukuthi umhlaba wonke kufanele ubone lokhu. Kodwa manje kulesibanga

sokomoya, njalo, futhi sibona izenzakalo ezinkulu, futhi sifuna ukukhuluma ngazo lamuhla.

<sup>18</sup> Busisa iLizwi Lakho enhliziyeni yethu. Siyakwazi ukuthi akulamuntu eZulwini kumbe emhlabeni ofaneleyo ukuthatha leliBhuku, ukuqhaqha iMpawu, kumbe ukukhangela phezu Kwalo, ngitsho. Kodwa kwakuloYedwa owabonakalayo, iWundlu elihlatshiweyo, elalisopha, elezayo lathatha iBhuku, futhi lalifanele futhi lisenelisa ukuLivula. O Wundlu likaNkulunkulu, vula iLizwi Lakho enhliziyeni zethu lamuhla, okwenduduzo. Sizinceku Zakho. Thethelelela izono zethu, Nkosi. Futhi loba yini okungenqabela iLizwi ekuphumeni ngamandla amakhulu lemfunzelelo lamuhla empilweni zethu, kususe, Nkosi, loba sippi isenqabelo, ukuze sibe lokufinyeleta okugcweleyo kuzo zonke izibusiso ezithenjisiwe kithi ngeLizwi Lakho. Sikucela eBizweni likaJesu. Ameni.

<sup>19</sup> AbaseFiliphi 2:

*Ngakho-ke uba kukhona inkuthazo kuKhristu,  
uba kukhona induduzo yothando, uba kukhona  
ubudlelwano bukaMoya, uba kukhona imihelo  
yesihawu,*

*Gcwalisani intokozo yami, ukuze libe ngqondonye,  
libe lothando olufananayo, libe lenhliziyonye, lo—  
lokujonda kunye.*

*Lingenzi lutho ngokubangisana kumbe  
ngokuziqhenya okuyize; kodwa ngokuthobeka  
kwenggondo liphakamise omunye komunye ngcono  
kulani.*

*Ngulowo lalowo angakhathaleli kwezakhe izinto  
zodwa, kodwa ngulowo lalowo laye ezintweni zabanye.*

*Kawube kini lowomqondo, owawukhona lakuKhristu  
Jesu:*

*Owathi, esesimeni sikaNkulunku, kanakananga  
ukuthi kuyikuphangga ukulingana loNkulunkulu:*

*Kodwa wazidela, wathatha isimo senceku, futhi  
wenziwa emfanekisweni wabantu:*

*Futhi eficwe elesimo somuntu, wazithoba, waba  
ngolalelayo kwaze kwaba sekufeni, yebo ukufa  
kwasiphambano.*

<sup>20</sup> Manje nxo singavula khathesi kwabaseKhorinte besiBili, isahluko 3, sizaqala ngendima 6, futhi sibala lokhu kusiya kweyesi 18, futhi sisehla phansi kungxenyenye yesahluko 4.

*Wasenza senelisa ukuba yizikhonzi zesivumelwano  
esitsha; esingeyisiso sokulotshiweyo, kodwa esikaMoya:  
ngoba okulotshiweyo kuyabulala, kodwa umoya unika  
impilo.*

*Kodwa nxa inkonzo yokufa, elotshiwego, futhi yaqotshwa ematsheni, yafikela enkazimulweni, kwaze kwathi abantwana bakoIsrayeli bangabukhangeli kokuphela ubuso bukaMose ngenxa yenkazimulo yobuso bakhe; okuyinkazimulo eyayizayenziwa iphele:*

*Pho ingebe nkulu kangakanani inkonzo kamoya enkazimulweni?*

*Ngoba uba inkonzo yokulahlwa iyinkazimulo, kangakanani pho inkonzo yokulunga yengeziwe enkazimulweni.*

*Ngoba lalokho okwake kwaba yinkazimulo, akuzange ngitsho kukhazimule ngalindlela, ngesizatho senkazimulo eyidlulayo kakhulu.*

*Ngoba uba Lokho okwenziwa kwaphela kulenkazimulo, kangakanani lokho okule...okumiyo kusenkazimulweni.*

*Ngakho silethemba elinjalo, kakhulu kumele... ekukhulumeni okusobala, sisebenzise isibindi esikhulu ekukhulumeni.*

*Futhi kasinjengoMose, owafaka isimbombozo ebusweni bakhe, ukuze abantwana bakoIsrayeli bangajolozeli isiphetho sento eyenziwa yaphela:*

*Kodwa ingqondo zabo zaphumputhekisiwa: ngoba kuze kube lamuhla isimbombozo esifananayo sihlezi singasuswanga ekufundeni isivuumelwano esidala; leso simbombozo esenziwa saphela kuKhristu.*

*Kodwa kuze kube lamuhla, lapho uMose ebalwa, isimbombozo siphezu kwenhliziyo yabo.*

*Loba nini lapho ebuyela eNkosini, isimbombozo siyasuswa.*

*Manje iNkosi ingulowoMoya: lalapho ukhona uMoya weNkosi...kukhona inkululeko.*

*Kodwa thina sonke, ngobuso obembuliweyo sibona njengesibukweni inkazimulo yeNkosi, siyaguqulelwa esimeni esifananayo sisuka enkazimulweni sisiya enkazimulweni, njengokuvela kuMoya weNkosi.*

*Ngakho-ke lokhu silenkonzo le, njengoba semukela isihawu, kasidinwa;*

*Kodwa sizilahlide izinto ezifihliweyo zehlazo, singahambi ebuqilini futhi singaphambanisi iLizwi likaNkulunkulu; kodwa ngokubonakaliswa kweqiniso sizilahla kusazela sabo bonke abantu phambi kukaNkulunkulu.*

*Kodwa nxa ivangeli lethu lembesiwe, lembesiwe kulabo abalahlekileyo:*

<sup>21</sup> INkosi mayengeze izibusiso Zayo ekubalweni kweLizwi Layo!

<sup>22</sup> Manje, isifundo sami lokhu kusa, ngiyathemba ukuthi uNkulunkulu uzakwambula lokhu. Futhi sonke isikhathi, nxa lina elithatha amatephlu futhi lilalele, futhi ngiyathemba lokuthembela ukuthi—ukuthi libe lokuzwisisa kukamoya kulokho uNkulunkulu ayezama ukukungenisa eBandleni engazange akutsho ngokusobala. Bona? Kuyinto, kwesinye isikhathi, kumele sikhulume izinto ngendlela yokuthi kungancipha, kungaletsha abanye ukuba baphume, abanye ukuba basuke labanye uku—uku—ukucabangisisa ngokujulileyo. Kodwa lokho kwenziwa ngenjongo. Kumele kwenziwe ngaleyondlela.

<sup>23</sup> Khona-ke kungaba yikuthi abanye bengathi, “Utsho ukuthi uNkulunkulu engenza ulutho ngabomo njengalokho?” Wakwenza ngempela. Usakwenza lakhathesi.

<sup>24</sup> Wathi ngolunye usuku, lapho Elezinkulungwane ziMhanqile, Wathi, “Ngaphandle kokuthi lidle iNyama yeNdodana kaNkulunkulu, kumbe iNdodana yomuntu, futhi linathe iGazi Lakhe, kalilaMpilo kini.”

<sup>25</sup> Yisitsho bani ongasicabanga ukuthi udokotela wezemithi kumbe umongikazi, kumbe loba nguphi umuntu ohlakaniphileyo ongacabanga ngesitsho esinjengaleso, ngoMuntu owayelenkonzo enjengaleyo Ayelayo? Ngani, wayesithi, “Dlana inyama? Lowo ngumuntu odla inyama yomuntu! Ukunatha igazi lomuntu? Ngumamunyigazi! Ngamanye amazwi, Ufuna ukuthi sibe ngabatlinskyama yabantu labamunyigazi labantu.” Abantu bonke basuka Kuye.

<sup>26</sup> Futhi kwakulenhlanganiso yabatshumayeli kanye Laye, yamatshumi ayisikhombisa, ababekhethiwe. Futhi Wabaphendukela kibo, futhi Wathi, “Kuyini elingakucabanga lapho libona iNdodana yomuntu isenyukela phezulu lapho Eyavela khona?” Manje, Akazange akuchasise lokho. Akazange achasise ukuthi *kanjani*; uPhawuli wakwenza lokho ngokuya kwesikhathi. WaphongukuKutsho nje. Bona? Futhi-ke lapho lokhu, Wathi, “Kuyini elizakutsho,” kulaba abatshumayeli, “lapho libona iNdodana yomuntu isenyukela lapho Eyavela khona?”

<sup>27</sup> Kungelakuthandabuza wona amadoda athi, “Manje, okwesikhathshana nje. O, sidla Laye. Sigola Laye. Salala Laye. Si—siyakwazi lapho Azalelwka khona. Sawubona umkolo lapho A—Ayelolozelwa khona. Futhi kanjani liNdoda enga... Lesi yisitsho esilukhuni.”

<sup>28</sup> Futhi iBhayibhili lathi, “Abazange baphinde bahambe Laye.” BaMtshiya.

<sup>29</sup> Khona-ke Wayeletshumi lambili abasalayo. Wayekhethe abalitshumi lambili, futhi omunye wabo wayengudeveli, Wathi. Ngakho Wasetshibilikela kibo.

Futhi akula owayengachasisa lokho Ayekukhulumile nje. “Babezakudla kanjani iNyama Yakhe futhi banathe iGazi Lakhe? Futhi Wehla njani phansi, lapho Wazalwa khona lapha emhlaben?” Bona? Babengeke baKuzwisise.

Futhi-ke Wasephendukela kubapostoli, futhi Wathi, “Liyafuna ukuhamba lani?”

<sup>30</sup> Futhi yikho lapho uMpostoli uPetro wakhuluma lesositsho esikhulu, “Nkosi, singaya kubani?” Bona? “Ngoba sisuthisekile. Siyakwazi isibili ukuthi Wena, futhi Wena kuphela, uleLizwi lokuPhila lalelihola.” Bona? “Futhi sisuthisekile ngalokho.” Bona, babengeke bakuchasise. Ba... .

Awungeke uchasise ukholo. Yinto oyikhholwayo, futhi iqine kangako okokuthi akula olunye ulutho olungathatha indawo yalo.

Ngakho-ke, babakwazi ukuthi iLizwi elalibhalwe okwaleso sikhathi ababephila kuso, isikhathi sikaMesiya, ukuba Wayekwana khoxo kuleyondawo. Futhi kuyini ababengakwenza ukuba babuyele kulawo aqandayo, amabandla apholileyo ababephume kiwo? Wathi, “Singaya ngaphi na?” Bona? “Sisuthisekile ngokugcweleyo ukuthi UleLizwi lokuPhila.” Bona? Futhi babe—babengenelisi ukuKuchasisa, kodwa baKukholwa. Bona?

<sup>31</sup> Futhi uJesu wakutsho lokho ukuba aphungule ixuku Lakhe, bona, aze Enelise ukuletha iqembu ndawonye. Futhi phakathi kwabo bonke labobantu, bona, kuphela abalitshumi lanye babo lesosikhathi bazuvisisa ngempela ukuthi WayenguBani. Babakwazi ukuthi Waye nguNkulunkulu, futhi uNkulunkulu yedwa. Manje, i... .

<sup>32</sup> Isifundo sami lokhu kusa yikwembula, kumbe, ukwembula lowoNkulunkulu.

<sup>33</sup> UNkulunkulu uhlezi, kuzo zonke izikhathi, uzifihe ngemuva kweveyili, izikhathi zonke, kodwa UbenguNkulunkulu sonke isikhathi. Bona? Kodwa Wazigcina Sabisakhe efihlakele kuwo umhlabo, futhi azembule Sabisakhe kwabakhethiweyo Bakhe, njengabapostoli kululosuku. Manje, lowo kwakunguNkulunkulu ekhuluma kuKhristu.

<sup>34</sup> Manje, umuntu uhlezi izikhathi zonke, kwakuyimvelo yomuntu, wadinga ukubona (ngokwenyama) lowoNkulunkulu. Wayehlezi efuna ukuKubona. Umuntu wenze izidalwa ezikhangeleka njeNgaye. Bacabanga ngokwe... AmaNdiya ayekhonza ilanga. Futhi—futhi siyafumana, eAfrica, izimo ezechlukeneoyo zenyamazana, lokunjalo. Futhi phezulu... . izigodo ezibazwe imifanekiso eAlaska, le—lezimo ezechlukeneoyo

lezo abacabanga luNkulunkulu ukuzo. NjengoPhawuli wakhulumu lapho eAthens lesosikhathi, oqaqeni lwaseMars, futhi wabatshela ukuthi babekhonza izinto ezingekho mayelana ngaluNkulunkulu ongaziwayo, ukuthi, babekwazi ukuthi Wayekhona kukanti babeNgamazi.

<sup>35</sup> Futhi-ke siyafumana lasemuva ukuya kuJobe. UJobe wayekwazi ukuthi kuloNkulunkulu. Wayekwazi. Futhi kakula u—u—umuntu, engqondweni yabo eqondileyo, kodwa lowo okwaziyo ukuthi kumele kube lenye Into kwenyen indawo. Futhi, manje, uJobe wayefuna ukukhuluma Laye.

Futhi ngifuna ukuthi linanjelele isimo uNkulunkulu asikhethayo ukukhuluma loJobe kuso. UNkulunkulu wayemboziwe lapho Ekhuluma loJobe. Wayemboziwe esavunguzaneni, wehla phansi esavunguzaneni. Liyakholwa ukuthi uNkulunkulu ulokhe esiza phakathi kwesivunguzane engabuya lapho obona khona?

<sup>36</sup> Kulabathile abahlezi lapha, inani, elalikanye lathi ngolunye usuku lapho Esiza esavunguzaneni. Wasitshela usuku ngaphambili, uMfowethu Banks Wood labanye, lapho Esithi, “Thatha ilitshe leli, uliphose phezulu emoyeni, futhi uthi, ‘ITSHO KANJE INKOSI! Uzakubona khona manje.’” Futhi ngadobha ilitshe, phezulu esiqongweni sentaba, ngaliphosa phezulu emoyeni, futhi i...yebo, lisehla phansi, laqala isivunguzane, bona, ukuhotsha kwaso.

<sup>37</sup> Kufanele wenze enye into ukubangela enye into ukukulandela. UJesu wathatha ucezu lwesinkwa futhi wasihlephula, khona-ke wasandisa kuvela kulolocezu lwesinkwa. Wathatha amanzi, wawathululela esigxingini. UElija wathatha isawudo, walibeka phakathi kwegabha; wagamula isigodo, wasiphosela emanzini. Kuyinto yokufanekisa.

Futhi ngithatha ilitshe leli futhi ngiliphosa emoyeni, futhi lisehla phansi laqala isivunguzane.

<sup>38</sup> Usuku olwalandayo, ngani, kwakulomtshumayeli owayelathi ohambweni lokuzingela. Wayemile eduzane, futhi wathi kimi, “Ngabe iNkosi inikeza imibono njenga lokhu, Mfowethu Branham?”

<sup>39</sup> Ngathi, “Yebo, kodwa ngivame ukuphuma phandle lapha ukuzophumula.” Futhi nje khonapho umbono weza.

<sup>40</sup> Futhi uMfowethu Borders, ngicabanga ungaphandle manje, wayengalapho. UMfowethu Banks Wood, ngicabanga, futhi, o, abathile babephezulu lapho, abayisificaminwembili kumbe itshumi. Futhi uMfowethu Banks Wood ekhangelele lokhu. Khona entaben, khona unqumisa, khona kanye, phose ingxenye eyodwa yemayila lapho iNGilosi eziyisikhombisa ezabonakala khona, ukuthi ngasuka lapha ukuya khonangale okwe, lokho kwaphenduka futhi ngatshela i...mayelana

ngeMpawu eziyisiKhombisa. Phose nje ingxenye yemayila kulokho.

<sup>41</sup> Futhi-ke usuku olulandelayo, lapho lokhu kusenzakala, ngani, i... Ngathi kumfowethu, lumfowethu, ngathi, "Uhlupho lwakho luyini, ulesifo elihlweni lakho. Odokotela bazamile okweminyaka ethile ukukumisa futhi abangeke bakwenze. Bathi uzaku...kuzakudla ilihlo lakho." Futhi ngathi, "Kodwa ungakhathazeki, iNkosi uJesu ihloniphile ukholo lwakho." Futhi nje wawisa umbhabho wakhe. Futhi ngathi, "Umama wakho," lokho nje ayeyikho lalokho okwakukubi ngaye.

Futhi wathi, "Yilo iqiniso."

<sup>42</sup> UMfowethu Roy Roberson ovela ebandleni lapha, emile ekhona, ngithemba lonke liyamazi. Ngisazi ukuthi wayelihhawe, futhi ngisazi lokho okwakuzathathindawo, ngabeka isandla sami ehlombe lakhe; Ngathi, "Mfowethu Roberson, nanzelela, khangela, enye into ilungiselela ukwenzakala."

<sup>43</sup> Ngabuyela lapho engangifanele ngibe ngime khona, futhi kuvela emoyeni kweza isivunguzane, phansi odengeni olukhulu, sivela phezulu, lokho kwakukhulu kakhulu kwaze kwacezula amadwala, ama-intshi ayisificaminwembili kumbe alitshumi kusiya, kusuka esiqongweni sentaba, futhi kwawaphosela amayadi angamakhulu amabili phandle. Futhi senza umsindo wokuqakeza kathathu kanjalo, leLizwi laphuma kiso. Bona?

<sup>44</sup> Futhi bonke babo bemile lapho. UMfowethu Banks, okhona manje, weza esenyuka futhi wathi, "Lokho yikho owangitshela khona izolo?"

Ngathi, "Yebo, mnumzana, yikho."

Wathi, "Manje, Kutheni na?"

<sup>45</sup> Ngathi, "Manje, lokho nje ngokwami ukubakwazi, Mfowethu Banks, bona, ngoba kwaku...Kungethusa abantu."

<sup>46</sup> Kodwa Kwaqhubelela phambili, kwenzakala nje kancinyane...kusiya ngasenyakatho. Kancinyane, izinsuku ezinlutshwana ezedlulayo Kwatshaya olwandle, futhi labona lokho okwenzakala endaweni zaseFairbanks. Kwakuyisibonakaliso sokwahlulelw. Manje siyathola ukuthi—ukuthi uNkulunkulu ulokhe...Uyabona, kungethusa abantu. Futhi-ke babele...Lokho kwakumele kwenzakale, bona. Kumele nje kwenzakale. Izinto okumele zenzakale kumele zenzakale, kungenani. Bona, kuza kwenzakala, kungenani.

<sup>47</sup> UMose ngesinye isikhathi wafisa ukubona uNkulunkulu, futhi uNkulunkulu wamtshela ukuthi ame edwaleni. Futhi, edwaleni, uMose wema futhi wabona uNkulunkulu esedlula, lomhlane Wakhe wakhangeleka njengomhlane womuntu. UNkulunkulu wayesesavunguzaneni, futhi uNkulunkulu... lapho uMose emile edwaleni.

<sup>48</sup> Ngithemba lonke labona umfanekiso phandle ngale ngolunye usuku, sama ngakulelo dwala elifanayo. Futhi nanku ukuKhanya lokho, iNgilosie yeNkosi, khona lapho eYaduma khona. Ngimile...Kukhona ebhodini yezaziso lapho manje, njalo.

<sup>49</sup> Nanzelela, uJehova weThe stamente eliDala nguJesu weThe stamente eliTsha. Bona? UnguNkulunkulu ofanayo, entshintsha nje isimo Sakhe.

<sup>50</sup> Manje, omunye wathi ngolunye usuku, u—u—umtshumayeli weBaptist phandle eTucson, “Ungatsho kanjani ukuthi—ukuthi uJesu loNkulunkulu banguMuntu ofanayo?”

<sup>51</sup> Ngathi, “Awu, kulula kakhulu nxa nje ungavumela ukucabanga kwakho kusuke, futhi ucabange njengokutsho kweBhayibhili. BanguMuntu munye. UNkulunkulu unguMoya; uJesu ungumzimba Ayembozwe kuwo. Bona?” Ngathi, “Njengasekhaya lami. Kumkami, ngiyindoda yakhe. Futhi ngilendodakazi encinyane, uRebekah, ngingubaba wakhe. Futhi ngilomzukulu, futhi ibizo lakhe nguPaul, ngingubabamkhulu wakhe. Ngiyindoda, ubaba, lobabamkhulu. Futhi umkami akalamalungelo kimi njengobaba kumbe ubabamkhulu; ulamalungelo kimi kuhela njengendoda. Futhi indodakazi yami ayilamalungelo kimi njengendoda kumbe ubabamkhulu; ungumntanami. Bona? Kodwa kunjalo bonke abantu abathathu ngumuntu ofanayo. Bona? Lowo nguNkulunkulu; Baba, Ndodana, loMoya oNgewe, kungamalungelo nje esikhathi.” UNkulunkulu uya fana, uNkulunkulu ofanayo.

<sup>52</sup> UNkulunkulu waziguqula Sibisakhe, uguqula isimo Sakhe. Nxa ungananzelela lapho kwabaseFilippi, Wathi, “Engakucabangi ukuthi yikuphanga, kodwa wathatha isimo somuntu.”

<sup>53</sup> Manje, ibala lesiGriki lapho okwe *simo*, bengilikhangela usuku lonke izolo, ngizama ukucabangisia ukuthi liyini, ngafumana, ngeza lalelibala lokuthi *en morphē*. Lipelwa e-n m-o-r-p-h-e. Ngikhangela kusiGriki, ukufumana ukuba u *en morphē* ayikho...Ngingalibiza ngokungeyisikho, kodwa isizatho ngilipelite, lapho nxa ithephu ikhutshwa, abantu bazaku, izifundi ziza, bazakwazi lokho e—engikutshoyo ngakho. Yena, lapho i-*en morphē*, lokho kutsho ukuthi Waziguqula Sibisakhe. Yena, Wehla phansi. Manje, ibala lesiGriki lapho litsho, ukuthi, “Into eyayingabonakali ibonakale, kukanti ikhona, futhi-ke iyaguqulwa lelihlo lingakubamba.” Bona?

<sup>54</sup> Njengo Elija ayeyikho, eDothani. Bona, i—inceku yayingenelisi ukubona zonke lezoNgilosie lapho, futhi uNkulunkulu waguqula nje; kungeyisikho ukuthi wehlisa iNgilosie phansi, kodwa Waguqula ukubona kwenceku. Futhi kwakukhona izintaba zigcwele iNgilosie, lomlilo, lamabhiza omlilo, lezinqola zomlilo, konke kuzingezele umprofethi

Wakhe. Bona, bona, Waguqula ukubona. I—into ivele isikhona kudala.

<sup>55</sup> Ngakho, yikho engizama ukukutsho, ukuthi uNkulunkulu owayehlezi ekhona ulapha. Into kuphela Ayenzayo lapho Esiba ngumuntu, Waguqula isimbombozo Sakhe. Bona? Yena—Yena, lu *en morphé*, Wa—WaZiguqula kulokho Ayeyikho kusiya kulokhu Ayikho, kumbe isimbombozo Sakhe, omunye umdlalo.

<sup>56</sup> Njengomdlalo omkhulu. Njengoba bengikhulumu lokhu kusa, sengathi ngiyathinta kulokhu okukaShakespeare. Sekube yisikhathi eside. Kodwa lapho uShakespeare eloba u—u—umdlalo, i...elobela iNkosi uJames wase-England, Lapho e... isimilo sikaMacbeth. Uyabona, uShakespeare wayengakholwa kubathakathi; kodwa emdlalweni, ngoba inkosi yayikholwa kubathakathi, ngakho wenza okokufaka abathakathi. Bona? Futhi manje, ukuze benze lokhu, baguqula abadlali bomdlalo.

<sup>57</sup> UBecky lapha, eCarmen, bakudlala lokho e—esikolweni lapho ayesanda kuqegetsha khona amaviki amalutshwane adluleyo. Manje, mhlawumbe umuntu oyedwa wadlala ingxenyé ezintathu kumbe ezine. Ukuze enze lokho, wa—waguqula isimbombozo sakhe. Ngezinye izikhathi uyaphuma, uyilesi isimilo; lesikhathi esilandelayo uyaphuma, ungesinye isimilo. Kodwa kungumuntu ofanayo isikhathi sonke.

<sup>58</sup> Futhi lowo nguNkulunkulu. Waziguqula Sibisakhe kusuka—kusuka eNsikeni yoMlilo, ukuba abe nguMuntu. Khona-ke waZiguqula kusuka kulokho, wabuyela eMoyeni njalo, ukuze Ahlale emuntwini. UNkulunkulu esenza emuntwini lokho Ayeyikho sibili. UJesu Khristu, wayenguNkulunkulu esezenza eMuntwini, eMuntwini. EMuntwini, yikho lokho Ayeyikho. Wayeguqukile esuka eNsikeni yoMlilo, futhi-ke wayesengenile; okwakuyiveyili enkangala, eyafihla uNkulunkulu kuIsrayeli. UMose wabona isimo somzimba Wakhe, kodwa isibili Wafahlwa isikhathi sonke ngemuva kwaliNsika yoMlilo, okwakuyiLogos eyaphuma kuNkulunkulu.

<sup>59</sup> Manje siyafumana lapha, manje kusukela ePhentekhosti, uNkulunkulu akasebenzi emuntwini, kumbe ukusebenza... manje Usebenza *ngomuntu*. Bona? Wayesenzenza eMuntwini ngaleso sikhathi, uJesu. Manje Usebenza *ngomuntu* lowo Amkhethileyo okwalinjongo. UNkulunkulu, esesimweni somuntu, Waziguqula Sibisakhe kusukela esimweni so—so i...sikaNkulunkulu, esiya esimweni somuntu.

<sup>60</sup> Wabuya emabizweni amathathu, amabizo endodana amathathu. Weza eNdodaneni...ibizo leNdodana yo—yomuntu, iNdodana kaDavida, leNdodana kaNkulunkulu; amabizo amathathu endodana.

<sup>61</sup> Manje, Weza kuqala eNdodaneni kaDa—...INdodana yomuntu, ngoba WayenguMprofethi. Manje, uJehova Sibisakhe wabiza uHezekeli labaprofethi, “Ndodana yomuntu, ubonani

na?" UJesu kazange aZibize ngokuthi Ndodana kaNkulunkulu; WaZibiza ngokuthi Ndodana yomuntu, ngoba i—iMibhalo ayingeke yephulwe.

Akungeke kube lolutho olwephulwayo eMibhalweni. ILizwi lonke kumele libe njalo. Yiyo indlela engikukholwa ngayo. Yiyo indlela oKufanele kube ngayo, hatshi ngoba ngiyakukholwa, ngoba KuyiLizwi likaNkulunkulu.

<sup>62</sup> Manje nxa ungananjelela ekuqaleni, iLizwi elilodwa, ipheji lokuqala eBhayibhilini, kuGenesisi 1, siyafumana ukuthi lonke... Konke ukugula, usizi lonke, zonke inhlungu zenhliziyo, lakho konke okwake kwenzakala ebantwini, kweza ngoba umuntu oyedwa akazange akholwe iLizwi elilodwa, kwabangela konke lokhu. Lokho ngokokuqala kweBhayibhili. Ekucineni kweBhayibhili, iSambulo 22, uNkulunkulu ofanayo wathi, "Loba ngubani ozasusa iLizwi elilodwa kuLokhu, kumbe angezelele ilizwi elilodwa Kikho." Bona, kumele kube yiLizwi ngeLizwi, ngendlela nje Eliyyo.

<sup>63</sup> Ngakho, ngakho-ke, futhi nje uthathe into encinyane njengokuthi ngiyahamba... omunye umuntu wayehlezi ephezu kwami mayelana ngabafazi begela inwele zabo. Manje, kimi, ingqe ekwenza lokho, angilandaba ukuthi ungcwele okunganani lokuthi ukwazi okunganani, ulokhe ephambukile. Ugqoka okabhudula lalezi izigqoko kanjalo; angilandaba lokho akwenzayo, ukuba uhlabela okungakanani, utshumayela kahle okunganani, loba yini angakwenza, uhlobo bani lwempilo ayiphilayo, kulokhu kuyileloLizwi elilodwa elaphuliweyo. Bona? Bona, kumele kube yiLizwi lonke. Hatshi umutsho; iLizwi, iLizwi elilodwa! Ngakho, iBhayibhili kayisilo ngcazeloyasensitha. Kumele kube yiLizwi ngeLizwi, indlela eLilotshwe ngayo. Kumele sikukholwe Lokho.

<sup>64</sup> Futhi singaLikholwa kuphela, kodwa siLiphile. Nxa singaLiphili, khona-ke asiLikholwa; sithi nje siyalikholwa. Njengokuthi ngi... Ngisekela kulokho engikukhulumileyo muva, abafundi labo babengeke baKuchasise, kodwa baKukholwa, kungenani, futhi benza isivumo sabo futhi basiphila. Lapho abanye babo bonke basuka khatshana Lalo, bahlala kanye Lalo! BaLikholwa! Yiyo indlela esenza ngayo. Yiyo indlela okufanele ukwenze ngayo. Kungenani lokuthi omunye umuntu wenzani, siyaLikholwa futhi-ke senza njengoba Lisitsho. Nxa ungakwenzi, khona-ke awuLikholwa.

<sup>65</sup> Manje nanzelela manje lapho Esiza, Wayefanele abuye njengeNdodana yomuntu, ngoba uMbhalo oNgcwele wathi Uzakwenza, "UNkulunkulu wayezavusa uMprofethi kibo." Ngakho Wayengeke abuye ezibiza Sabisakhe ngokuthi uyiNdodana kaNkulunkulu, ngoba kwakungayisiso lesosikhathi. WayeyiNdodana yomuntu eprofetha, ukugcwalis, lokwembula kibo zonke izinto lezo ezazenziwe, futhi wafanekisa

lokho Ayeyikho. Khona-ke Wayesemhlabeni njengeNdodana yomuntu.

<sup>66</sup> Khangela lowomfazi waseSerofenika wagijimela kuye, futhi wathi, “Wena Ndodana kaDavida, woba lesihawu kimi!” Kazange avuse ngitsho lekhanda Lakhe. Wayengela malungelo Kuye njengeNdodana kaDavida. WayengoweZizwe.

Okungedluli indodakazi yami ilamalungelo kimi njengendoda; kumbe, umkami, njengendodakazi. Kukanti, uyindodakazi yami lomkami, uyindodakazi yami eVangelini. Kodwa, emhlabeni, akala malungelo ukungibiza u—ubaba. Bona?

Manje nanzelela, lumfazi weZizwe wayengela malungelo Kuye njengeNdodana kaDavida. Kodwa uBathimeyo oyisiphofu wayelawo, bona, wayengumJuda. Manje, Wabuya njengeNdodana yomuntu.

<sup>67</sup> Kumele ubewazi lawa amazwi lalezi izinto. Khangela uHattie Wright ngalesosikhathi, lapho ukuDonsa kweSithathu. Liyakukhumbula. Kukho konke, umfazi lowo wakhulumu into eqondileyo. Kumele ukhulumu lelolizwi eliqondileyo, into eqondileyo kuNkulunkulu.

<sup>68</sup> Nanzelela manje, Wabuya kuqala njengoMprofethi, futhi baMbethela. ABakhe uQobo baMbethela. Wabuya njengeNdodana yomuntu.

<sup>69</sup> Khona-ke emva uMoya oNgcwele usubuyile, khona WayeseyiNdodana kaNkulunkulu. UNkulunkulu unguMoya. WayenguMoya oNgcwele, iNdodana kaNkulunkulu. Waphila ezikhathini zebandla njengeNdodana kaNkulunkulu.

<sup>70</sup> Manje, kuMileniyamu, Uzakuba yiNdodana kaDavida, ehlezi phezu kwesiHlalo sikababa Wakhe, uDavida. UyiNdodana kaDavida.

<sup>71</sup> Manje, futhi, khumbula, phakathi kweNdodana kaNkulunkulu... Esikhathini sebandla leLawodikeya, baMkhuphela phandle. Futhi kuLukha, Wathi Uzakwembulwa njalo njengeNdodana yomuntu, uMprofethi, egcwalisa konke kwakho. Bona? IMibhalo ibophana ndawonye ngokupheleleyo. INdodana yomuntu, iNdodana kaNkulunkulu, iNdodana kaDavida. Kwakuyini? NguNkulunkulu ofanayo sonke isikhathi, eguqlula isimo Sakhe nje, *en morphé*. Uyakuguqlula nje. Kungumdlalo omkhulu Kuye. Uyawudlala.

<sup>72</sup> Weza njengeNdodana yomuntu, uMprofethi. Wenza khona kanye. Lalumfazi omncinyane esonweni sakhe sonke, lapho emthonjeni, waMqonda. Wathi, “Siyakwazi uMesiya uyeza, obizwa ngokuthi uKhristu, yikho lokho Azakwenza.” Bona, wazi ngoba wayeyiNhlanyelo emiselwe ngaphambili. Khona-ke wa...

Lapho, abanye babo abazange baKuqonde. Babengelalutho lokukuqonda ngakho. Babesesonweni, kwasekuqaleni.

<sup>73</sup> Ngoba, okwemisebenzi Yakhe, Uyaguqula isimo Sakhe. Khona-ke Wabuya isimo seNdodana yomuntu.

Okwesikhathi sabaguquli, uWesley, uLuther, lakho konke kusehla kusiya, khona-ke siyafumana ukuthi bakuxubanisa nje, njengalokho abakoIsrayeli abakwenzayo, kuze kuthi lapho Ebonakala ensukwini zokucina, esikhathini sePhentekhosti, njengoMoya oNgcwele, baKwala. Benza into efanayo uIsrayeli ayenzayo.

Futhi kuyini Akwenzayo manje? Uphenduka eyiNdodana yomuntu. Futhi-ke, kusuka kulokho, iNdodana kaDavida. Bona siseduze okunganani? INdodana yomuntu, iNdodana kaDavida, iNdodana kaNkulunkulu. Wembulwe ensukwini zokucina eyiNdodana yomuntu, ngokukaMalakhi 4, zonke iziprofethi ezimayelana lalelihola. Akusela njalo ukusebenza lebandla emuva kokuba Yena...BaMkhuphela phandle; ngaphandle, eqoqoda emnyango. Enye iNhlanyelo emiselwe ngaphambili phakathi lapho, lamanje. Kumele Afike kibo.

<sup>74</sup> Futhi uNkulunkulu, emuntwini, Wayezithululile. UJoweli 2:28, siyafumana, Wathi, “Ngizathulula, ensukwini zokucina, uMoya Wami.” Manje, nxo lingananzelela ibala lapho, ibala lesiGriki. Ngingabe ngibe lalokhu ngokungayisikho, kodwa lelo engilifumeneyo...

<sup>75</sup> Kumele likhangele amabala. IsiNgisi kwesinye isikhathi kutsho izitsho ezikabili. Njengebala esilitshoyo, “nkulunkulu.” “UNkulunkulu wadala amazulu lomhlaba,” uGenesisi 1. Kodwa manje, eBhayibhilini, Lathi, “Ekuqaleni uElohim.” Manje, uElohim, isiNgisi sibiza “unkulunkulu,” kodwa ngempela kwakungayisuye... Elohim... Loba yini kungaba ngunkulunkulu, kubala nkulunkulu, ungenza isithombe unkulunkulu, ungenza leyo piyano unkulunkulu, ungenza loba yini unkulunkulu.

<sup>76</sup> Kodwa akukho njalo ebaleni Elohim. Litsho, “Okhona Ngokwakhe.” Bona? Leyopiyano ayingeke ibekhona ngokwayo, akulalutho olungabakhona ngokwalo. Ngakho, ibala Elohim litsho, “Lowo owayehlezi ekhona.” Nkulunkulu kungatsho loba yini. Liyawubona umehluko ebaleni na?

<sup>77</sup> Manje, lapho Kusithi lapha ukuthi WaZithulula, kumbe wathululela, manje, singacabanga njenga lokhu, ukuthi Yena “uyahlanza,” ibala lesiNgisi loku thululela, kumbe ukuthululwa kuvela Kuye, bona, enye into yaphuma Kuye eyayahlukile Kuye. Kodwa ibala kenosis, ngesiGriki, alitsho ukuthi Uya “hlanza,” kumbe okunye... Ingalo yakhe yaphuma, kumbe ilihlo Lakhe laphuma, omunye umuntu.

<sup>78</sup> Lokho yikuthi, WaZiguqula, Wa “Zithululela phakathi,” (Ameni!), phakathi kwesinye isimbombozo, kwesinye isimo.

Kungayisuye omunye umuntu owaphuma Kuye, obizwa uMoya oNgcwele, kodwa KwakuNguye Sibisakhe. Liyakubamba? Yena Sibisakhe Wazithululela ebantwini. “UKhristu ekuwe!” Kuhle okunganani, kumangalisa okunganani, ukucabanga, uNkulunkulu eZithulula emuntwini, phakathi kwekhola. “Thulula!” Kwakuyingxene yomdlalo Wakhe, ukwenza njalo.

UNkulunkulu, konke ukugcwala, bonke ubuNkulunkulu ngokomzimba babukuluMuntu, uJesu Khristu. WayenguNkulunkulu, futhi uNkulunkulu yedwa. Hatshi umuntu wesithathu kumbe umuntu wesibili, kumbe umuntu wokuqala; kodwa uMuntu *uqobo*, uNkulunkulu embozwe enyameni yomuntu.

<sup>79</sup> UThimothi wokuQala 3:16, “Kungelakuphikisana inkulu imfihlakalo yobunkulunkulu; ngoba u-N-k-u-l-u-n-k-u-l-u, uElohim,” uhlamvukhulu N-k-u-l-u-n-k-u-l-u, eBhayibhilini. Kukhombele emuva, loba ngubani. Kukhombela ku, ekuqaleni, Kwathi, “Elohim.” “Ekuqaleni, uElohim.” Bona? “Futhi, uElohim, kungela kuphikisana inkulu imfihlakalo kaElohim; ngoba uElohim wenziwa waba yinyama, futhi SaMbamba.” UElohim, emboziwe enyameni yomuntu! UJehova omkhulu owagcwala indawo yonke, isikhathi, layo yonke indawo, wenziwa umuntu. SaMbamba, uElohim. “Ekuqaleni, uElohim. Futhi uElohim wenziwa waba yinyama, wahlala phakathi kwethu.”

<sup>80</sup> Ini? Leyi yindlela Yakhe, ingxene yomdlalo. Yiyo indlela Azakuyenza, indlela Yakhe yokuzembula Sibisakhe kithi njengomuntu owahlukileyo. Singabafayo, futhi Uyakwazi lokho. Futhi sizwisisa kuphela njengabafayo. Siyazi kuphela njengabafayo. Siyazi kuphela lapho imizwa yethu isivumela sibekwazi, futhi okunengi kwakho kumele sikukholwe ngokholo. Kumele sithi kuloNkulunkulu; loba siyaMbona, kumbe hatshi, siyakukholwa, kungenani. Bona? Loba kukhona kumbe hatshi, silokhu sikukholwa ngoba uNkulunkulu watsho njalo.

<sup>81</sup> NjengoAbrahama, wayengaboni leyondodana, kungela zibonakaliso, kungela ukuzithwala kuka—kukaSara, kungela loba isikhathi sokuya esikhathini sabomama kumbe loba yini, kodwa kunjalo uNkulunkulu watsho njalo. Wonke amathemba, lesibeletho sakhe—sakhe sasesifile, futhi impilo yakhe kuye yayingasekho, futhi i—isifula sempilo yakhe sasesiwomile, futhi impilo yakhe—yakhe yayisiwomile ngaphakathi kwakhe. “Futhi kanti kathandabuzanga isithembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa, kodwa wabalamandla, enika udumo, esazi ukuthi uNkulunkulu wayesenelisa ukwenza loba yini Athi Uzayenza.”

Nanso indlela okufanele sikholve ngayo leloLizwi lamuhla. Kuzakuba njani na? Angikwazi. UNkulunkulu wathi kuzakuba ngaleyondlela, futhi lokho kuyayiqeda indaba.

<sup>82</sup> Ngubani luMuntu omkhulu ongabonakaliyo? Ngubani Lowu uAbrahama ambona emibonweni? Khona ekucineni, loba kunjalo, Wabonakaliswa enyameni, indodana ingakabuyi. UNkulunkulu Sibisakhe wabuya kuAbrahama esimwени somuntu, esikhathini sokucina. Ebonakalisiwe! WaMbona ekuKhanyeni okuncinyane ngesinye isikhathi; waMbona emibonweni; wezwa iLizwi Lakhe; izambulo ezinengi. Kodwa ngaphambi nje kwendodana eyathenjiswayo, waMbona esimwени somuntu, futhi wakhulumma Kuye, futhi waMdliisa inyama futhi wamnathisa. Bona? Nanzelela, uNkulunkulu Sibisakhe emboziwe enyameni yomuntu.

<sup>83</sup> Leyi yingxene yendllela Yakhe. Leyi yindlela Azibonakalisa ngayo Sibisakhe kithi, ebonakalisa iLizwi elilaPhakade, uNkulunkulu, uJehova enziwe waba yinyama. Njenga kuJohane oNgcwele 1, “Ekuqaleni kwakukhona iLizwi, futhi iLizwi laliloNkulunkulu, futhi i...Ekuqaleni kwakuloElohim, loElohim waye...wabayiLizwi, futhi iLizwi lalinguElohim. Futhi iLizwi lenziwa uElohim.” Bona? Kuyinto efanayo, isombuluka nje.

<sup>84</sup> Njengesifanekiso, bona, kukuNkulunkulu. Isifanekiso ngumcabango wakho. UNkulunkulu ekuqaleni, olaPhakade, Wayengasuye ngitsho uNkulunkulu. Waye engulaPhakade. Wayengasuye ngitsho uNkulunkulu; *Nkulunkulu* yi “nto ekhonzwayo,” kumbe enye into. Bona? Ngakho Yena wayengayisikho ngitsho lokho. Waye nguElohim, ulaPhakade. Kodwa Kuye kwakuyimicabango. Wayefuna ukuba ngokubambekayo. Futhi kuyini Akwenzayo? Khona-ke Wakhulumma iLizwi, futhi iLizwi lenziwa okubambekayo. Yiwo umfanekiso wonke, kusuka kuGenesisi kusiya kuSambulo. Akulalutho olungayisilo. NguElohim esiba ngokubambekayo ukuze Yena athintwe, athintekte. Futhi kuMileniyamu, kuloElohim ehlezi esiHlalweni sobukhos, bona, lokhu yikho, kanye lezikhonzi Zakhe zonke ziMzingelezele, Azimisela ngaphambili umhlaba ungakasekelwa.

<sup>85</sup> Njengomuntu esakha amabhera kumbe esenza amabhera, umbumbi. Ibhera ngayinye ifanele ikhale okutshiyene leyinye. Izibumbi ezifanayo, kodwa i-ayoni engako, isitili engako, ithusi elingako, ukuyinika uku “ncencetha.”

<sup>86</sup> Yiyo indlela uNkulunkulu enza ngayo. Wahlanganisa lowu kulowana, kulowu kulowana, kulowu kulowana, waze Wathola khona kanye Ayekufuna. Yiyo indlela Ayehla phansi ngayo. UNkulunkulu waZembula eNsikenyoMlilo esehla kubaprofethi, khona-ke eNdodaneni kaNkulunkulu, okuyikuthi, WayenguNkulunkulu. Bona, nguNkulunkulu ofanayo ekhupha khona kanye, kusuka ekupheleleni kusiya ekupheleleni, kusuka enkazimulweni kusiya enkazimulweni. Yiyo indlela iBandla elihamba ngayo.

<sup>87</sup> Nanzeela, kudlula ezikhathini, indlela efanayo, ngabaprofethi Bakhe, Uzembulile Sibisakhe. Labo babengasibo abaprofethi sibili, babengonkulunkulu. Watsho njalo. Ngoba, lokho ababekukhuluma kwakuyiLizwi likaNkulunkulu. Babeyinyama uNkulunkulu ayembozwe kuyo. Babengonkulunkulu. UJesu wathi, Sibisakhe, wathi, "LingaNgicala kanjani lapho Ngisithi NgiyiNdodana kaNkulunkulu, futhi umthetho wenu uthi labo iLizwi leNkosi eleza kibo babengonkulunkulu?" Bona?

<sup>88</sup> Ngakho kwakunguNkulunkulu ebunjwa emuntwini othiwa umprofethi. Bona? Futhi iLizwi leNkosi leza kulindoda, ngakho kwakungayisuye umprofethi; umprofethi wayeyisimbombozo, kodwa iLizwi lalinguNkulunkulu. Ilizwi lomuntu alingeke lisebenzi njalo. Bona lokho engikutshoyo? Alingeke lisebenze kuleyondlela. Kodwa lalifana lokuthi nguNkulunkulu. Bona, WayeyiLizwi likaNkulunkulu esimwени somuntu, othiwa "umuntu."

Nanzeela, Akazange aguqule imvelo Yakhe, kuphela isimo Sakhe. AmaHebheru 13:8, athi, "Ungofanayo izolo, lamuhla, lanininini." Ngakho Kazange aguqule imvelo Yakhe lapho Esiza. Uhlezi enguMprofethi lowo, konke kusehla esikhathini, into efanayo: iLizwi, iLizwi, iLizwi, iLizwi. Bona? Angeke aguqule imvelo Yakhe, kodwa Waguqula isimo Sakhe. AmaHebheru 13:8, athi, "Ungofanayo izolo, lamuhla, lanininini." Waguqula nje isimo Sakhe.

<sup>89</sup> Njengalokho ngaguquka kusuka ekubeni indoda, lapho umtanami ezalwa, khona-ke ngingubaba. Lapho umzukulu wami ezalwa, ngingubabamkhulu. Bona? Kodwa, kangiguuki; lokho kulokhu—kulokhu kuyimi. Bona? (Futhi lowo nguNkulunkulu.) Kuyimi nje engiguqule eyami... Bona, kuntshitshe nje isimo sakho. Bona?

Nanzeela. Futhi imvelo iyakuntshintsha kusuka ekubeni yindoda entsha kusiya phakathi laphakathi, kusiya endoden'i endala. Futhi nanko-ke, uyabona, uyaguqula nje isimo sakho.

<sup>90</sup> Manje, wawungeke uthi umfo omncinyane ome phezulu lapha, iminyaka elitshumi lesithupha ubudala, uthi wayengubabamkhulu. Wayengeke abe nguye. Isimo sakhe kumele siguqulwe. Iminyaka emilutshwane iyasiguqula, khona-ke uba ngukhulu. Bona lokho engikutshoyo?

<sup>91</sup> Kodwa kunguMuntu ofanayo isikhathi sonke, uMuntu ofanayo, uNkulunkulu isikhathi sonke. Ngalindlela UyaZembula ebantwini Bakhe, ekwenzeni lokhu. Nanzeela, ngesikhathi seNsika yoMlilo, WaZembula ebantwini Bakhe. Esikhathini sika—sikaJesu, WaZembula ebantwini Bakhe. Esikhathini sikaMoya oNgcwele, njengeNdodana kaNkulunkulu. INdodana kaDavida... Uhlezi eZembula ngaleyondlela ebantwini Bakhe, esenza abantu babeMazi.

Umbomboziwe ngemuva kwenye into, nanzelela, ngendlela efanayo, kumbe imvelo efanayo, sonke isikhathi.

<sup>92</sup> UNkulunkulu embomboziwe kuJesu, ukwenza umsebenzi wokuhlengwa esiphambanweni. UNkulunkulu wayengeke afe, enguMoya. UlaPhakade. Kodwa Kwakufanele aggoke isimbombozo futhi adlale ingxenye yokufa. Wafa, kodwa Wayengeke akwenze esimwени Sakhe sobuNkulunkulu. Wayemele akwenze esimweni seNdodana, njengeNdodana yomuntu, emhlabeni. Bona? Wayemele abe yisimo sobuDodana. Khona-ke lapho Ephenduka ePhentekhosti, WayeyiNdodana kaNkulunkulu njalo. Bona lokho engikutshoyo? Uyawubamba umqondo umqondo? Waye...

<sup>93</sup> Wayemele angene enyameni yomuntu, uku...futhi kungelamuntu, kungela isifiso sokuhlangana emacansini. Ngoba lokho kuyafakaza njalo isitsho sethu senzalo yenyoka, bona, "ukuhlangana kwasemacansini," ngempela ukuhlanga kwasemacansini. Hatshi ama-apula; ukuhlangana kwasemacansini! Kunjalo. Lokho kwakumele kube njalo. Nanzelela lapha, bona, kuloba nguphi umuntu olungileyo... Khangela kulabo abaprofethi emuva lapho, kodwa Wayemele abe ngowedlula umprofethi. Bona? Ukuze enze lokho, Kwakumele abuye ngokuzalwa yintombi, etshengisa ukuthi ukuzalwa yintombi kwafakaza... Wayemele azalwe ngokuzalwa yintombi, ukususa isiqalekiso, uMuthi wokwelapha. Liyakubona lokho engikutshoyo na? Ngakho, kwakufanele kube yikwazana kwendoda lomfazi. Wakuqinisa ekubuyeni Kwakhe uQobo; Akabuyanga ngesifiso sokuhlangana kwasemacansini, kodwa ngokuzalwa yintombi. Futhi Waguqula isimbombozo Sakhe kusuka kuJehova kusiya kuJesu, ukuze athathe umsebenzi wokuhlenga emdlalweni Ayewenza, kuNkulunkulu esiphambanweni.

<sup>94</sup> AmaGriki ayefuna ukuMbona. KuJohane oNgcwele 12:20, abanengi benu langizwa ngitshumayela ngalokho ngisithi, "Bomnumzana, sithanda ukubona uJesu." Likunenzelelo lokho na?

<sup>95</sup> Manje, amaGriki ayengamadoda ayizifundi, ayengamadoda amakhulu. Futhi babelo—babelo—lomuzwa omkhulu kuNkulunkulu, njengoba uPhawuli watshumayela kubo oqaqeni iMars. Futhi babe, babe—bekhokhela—bakhokhela umhlaba kusayensi le—lemfundu, babengabantu abakhulu. Kodwa bakhonza futhi beholwa kunsumansumane lokunjalo, amabhuku lobungcwethi obungejwayelekanga, lokunjalo.

<sup>96</sup> Kodwa ba—ba—banyikinya ngaliNdoda Owayesilisa abagulayo futhi babekhulumu ngaphambili izinto ezenzakalayo, kuze kuthi ngqe. Futhi banyikinya, ngakho babuya ukuzoMbona. Manje, khangelisisa manje, ungakweqi lokhu. Bona? Futhi babuya futhi bathi kuFilipu,

owayengoweBethisida, “Mnumzana, sithanda ukubona uJesu.” Futhi uFiliphu lomunye umfundi bamletha kuJesu, ukubona uJesu.

<sup>97</sup> Manje nanzelela wona amazwi uJesu awabikela kibo njalo, ngoba beza ukuzobona ukuthi Waye Ngubani, futhi babengelakuMbona. Babona isimo, kodwa Wayesethempelini Lakhe. UNkulunkulu wayesethempelini Lakhe, embombozwe enyameni yomuntu. Nanzelela amazwi Awakhulumayo, “Ngaphandle uhlamu lwengqoloyi luwele emhlabathini, bona, futhi lufe, luhlala lodwa.” Bona? “Ihola selifikile, kuzakuba khona masinya ukuthi iNdodana yomuntu ikhazimuliswe, bona, futhi Kumele Adlule kulumhlabo. Futhi ngaphandle lelihola lifike, awusoze wenelise ukuKubona.” Bona?

<sup>98</sup> Lapha, kungani babengelakubona uJesu? Wayembomboziwe. UNkulunkulu wayembomboziwe. AmaGriki ayefuna uNkulunkulu, futhi nangu Elapha, kodwa babengeke baMbona ngenxa yesimbombozo. Futhi yinto efanayo lamuhla, abangeke baMbome ngenxa yesimbombozo. Siphezu kobuso babo. Lawa amaGriki ayembomboziwe, kumbe uJesu wayembomboziwe kulawa amaGriki.

<sup>99</sup> Nanzelela, Wathi kubo, “Ngaphandle uhlamu lolu lwengqoloyi luwele emhlabathini, luhlala lodwa.”

<sup>100</sup> Bona, babengelakuzwisia ukuthi kanjani, ngani ukuthi babengeke baMbome. Lapho kwakumi indoda. Babuya ukuzobona uNkulunkulu, futhi babona umuntu. Bona? Babengeke babone uNkulunkulu ngoba uNkulunkulu wayembomboziwe kibo. Manje gcina lokho engqondweni yakho, uNkulunkulu wayembomboziwe emuntwini. Babengathi, “Akula muntu ongenza leyi imisebenzi ngaphandle kube nguNkulunkulu. Akula muntu ongakwenza, futhi kanjani lapha kumi umuntu futhi kanti imisebenzi kaNkulunkulu ibonakalisiwe Ngaye!” Bona, babengazwisisi ukuthi uNkulunkulu wayembomboziwe.

<sup>101</sup> Umboziwe emuntwini, njengoba Wayehlezi emboziwe. Kodwa, Yena wayemboziwe kibo, Yena wayesethempelini Lakhe lobuntu. UNkulunkulu waye sethempelini lobuntu. Manje, nanzelela sibili, manje Ungofanayo izolo, lamuhla, lanininini. Bona? UNkulunkulu embomboziwe, eZifihla emhlabeni, embombozwe emuntwini. Bona? Nangu elapha uNkulunkulu! Lawo maGriki esithi, “SizakuMbona.”

<sup>102</sup> Futhi uJesu wathi, “Uhlamu lwengqoloyi lufanele luwe futhi lufe.” Kumele ufe kuyo yonke imiqondo yakho. Kufanele uphume emicabangweni yakho.

Njengalokho labo abafundi ababeyikho, babengenelisi ukuchasisa ngokudla umzimba Wakhe lo-lokunatha iGazi Lakhe, kodwa, bona, basebefile ezintweni lezo. Babefile esiMisweni, babefile kuKhristu. Kungelandaba lokuthi kuyini,

kumbe ukwehlulwa okunganani Ayekhangeleka angazathi ulakho, babelokhu beKukholwa kungenani. Bona? Babebona kuleyoNdoda; iNdoda eyayisidla, inatha, igola inhlanzi, ilala, okunye konke, yazalwa lapha emhlabeni, futhi yahamba labo, yakhulumu labo, yagqoka impahla njengabanye babo bonke, kodwa lowo kwakunguNkulunkulu.

<sup>103</sup> Ngakho amaGriki ayengelakuMbona, ngoba Wayefihliwe kibo, emuntwini. Nanzelela iLizwi Lakhe kibo, “Ngaphandle uhlamvu lolu lwengqoloyi luwele emhlabathini.”

<sup>104</sup> UNkulunkulu emboziwe esimweni somuntu, wazifihla Sibisakhe emehlwani abo. Babebona umuntu kuphela. Kodwa labo Abamiselwa ngaphambili babona uNkulunkulu. Omunye wabona umuntu, omunye wabona uNkulunkulu. Bona? Futhi kwakunguNkulunkulu embombaziwe emuntwini, ebenza bobabili balunge, kodwa ukholo lwakho kulokho ongakuboniyo. Uyakukholwa, kungenani. UNkulunkulu embombaziwe emuntwini. Wayekuleyonyama, futhi leyonyama yayiyisimbombozo Sakhe. Iveyili ladatshulwa, bona, ukuze uNkulunkulu abonakaliswe.

<sup>105</sup> KuThestamente eliDala, uNkulunkulu wafahlwa lapho Esesihlalweni Sakhe sesihawu; esihlalweni sesihawu, ngeveyili. KuThestamente eliDala, uNkulunkulu wayesethempelini Lakhe. Kodwa abantu bangena futhi bakhonza kanje, kodwa, khumbulani, kwakuleveyili (ameni) elafihla uNkulunkulu. Babakwazi ukuthi uNkulunkulu wayelapho. Babengeke baMbone. LeyoNsika yoMlilo ayizange iphinde ibonakale lapho. Likunanzelele na? Akula sikhathi sinye eMbhaweni, kusukela ngesikhathi leyoNsika yoMlilo ingena ngemuva kwaleloveyili, ukuthi Kayizange ibonakale njalo, Yaze yavela kuJesu Khristu. UNkulunkulu wayembomboziwe!

<sup>106</sup> Lapho Esima emhlabeni, Wathi, “Ngavela kuNkulunkulu futhi Ngiya kuNkulunkulu.”

<sup>107</sup> Khona-ke uPhawuli, (emva kokufa Kwakhe, ukungcwatshwa, lokuvuka), endleleni yakhe esiya eDamaseko, nanso leyoNsika yoMlilo njalo. KwaKuyini? Ngemuva kweveyili! UDumo kuNkulunkulu!

<sup>108</sup> Wayengemuva kweveyili. Manje Wayengemuva kwani? Iveyili lesikhumba. Bona, “izikhumba zikamantswane,” ngemuva kweveyili. Futhi lapho leyoveyili lidatshulwa ngosuku lokubethelwa, iveyili Ayegoqelwe kilo ladatshulwa osukwini lokubethelwa, isihlalo sonke sesihawu sabonakala obala.

<sup>109</sup> Manje, amaJuda ayengelakuzwisa ukuthi kanjani uNkulunkulu angaba lesihawu njani phezu kwabalesono, abantu abangcolileyo njengalokho esiyikho. Kodwa babengaboni Lowu Owayenikeza isihawu, ngoba Wayefihliwe. Wayengemuva kwesihlalo sesihawu, ngaphakathi, lezikhumba zikamantswane zilenga phansi, ziMbozile. Ngaphambi... .

<sup>110</sup> Ngaphambili, nxa loba nguphi umuntu owangena ngemuva kwaleoveyili, kwakuyikufa masinya. Ameni. O, sizakuba lesifundo lapha ngomzuzu, bona, nxa linga—lingakwamukela. Ukungena ngemuva kwezikhumba lezo... Loba omunye wamadodana abapristi wazama ukukwenza ngesinye isikhathi, futhi wafa. “Ungangeni ngemuva kwalelo veyili.” Indoda eyahamba ngemuva... Ngani? Kwakungasela kuhlengwa leso sikhathi, kulokho. Kwakulokwenzeka. Kwakuyinto elokwenzeka nje. Futhi loba yini *elokwenzeka* ayikabi yinto eqotho, bona, kulokwenzeka nje. Kwakuyikuhlengwa... Isono sasimboziwe, singesulwanga... ukuthethelelwa, ngizama ukutsho, asithethelelwanga. *Ukuthethelelwa* yiku “kwahlukanisa lokulahla.” Futhi-ke igazi lezimvu lezimbuzi lalingeke likwenze lokho, ngakho uJehova wayefihliwe ngemuva kweveyili. Manje, emuva kwaleliveyili lapho Ayefihlwe khona, ukuba angene kulokho, umuntu wayesiwa afe, ukuzama ukungena Kikho.

<sup>111</sup> Kodwa kusukela ePhentekhosti, kusukela ekuBethelweni, lapho leloveyili lidatshulwa kusuka phezulu kusiya phansi, okwaleso sizukulwane... UJesu wayengulowo Nkulunkulu, emboziwe. Futhi lapho Esifa eKhalvari, uNkulunkulu wathumela umlilo lombane, futhi wadabula leyo veyili kusuka phezulu kusiya phansi, ukuthi isihlalo sonke sesihawu sabonakala obala. Kodwa babephumputhekile kakhlulu ukuKubona. Njengo Mose watsho lapha, loba kunjalo, kumbe... UPhawuli wathi, ngokubala uMose, “Lapho uMose ebalwa, lamanje, leyoveyili ilokhu isenhliziywemi zabo.” O, mfowethu, dade, yikho lokho amaJuda akwenzayo lapho iveyili lidatshulwa laletha uNkulunkulu ebonakala obala, elenga esiphambanweni. Wayebonakala obala, kodwa babengelakuKubona.

<sup>112</sup> Kungenzakala ukuthi abeZizwe benze into efanayo? O Nkulunkulu! Lapho besibalezikhathi zebandla, zeNdodana kaNkulunkulu; kodwa lapho manje iveyili lalezizinhlanganiso zamasondo lezinto, leleyeyili lesiko esilalo kusukela ePhentekhosti, lapho amasiko ebandla asedatshuliwe, izinto abantu abazitshoyo, “Izinsuku zezimangaliso sezedlula, lalezizinto,” futhi uNkulunkulu ususile iveyili Kukho, futhi waKuletha kwabonakala obala, futhi balungisele ukuKubethela njalo, khona kanye njengalokho.

<sup>113</sup> UNkulunkulu owambuliweyo, ebonakala obala, babemele ngabe bambona emile lapho. Kukanti Wayejwayelekile sibili, Wayengumuntukazana. BabengelakuKubona. Bona, lapho kwakume indoda. “Awu,” bathi, “lumfo, yisikolo bani Avela kiso?” Kodwa, khumbulani, lapho lowomkhonto utshaya umzimba Wakhe, lowoMoya Wamtshiya, ithempeli... amabhluloko omhlatshelo agenquka, lombane watshaya phansi ethempelini futhi wadabula iveyili. Kwakuyini?

Nango lapho uNkulunkulu wabo elengile eKhalvari, futhi babephumpushekile kakhulu ukukubona.

<sup>114</sup> KwaMletha ebonakala obala, futhi loba kunjalo abaKuboni! Baphumpushekisiwe. UNkulunkulu, embomboziwe emuntwini!

<sup>115</sup> Liyakhumbula, Wabuyela khona-ke kuPhawuli emuva kwalokho, lakuPetro entolongweni, njengeNsika yoMlilo. Khumbulani lokho?

<sup>116</sup> Kodwa ensukwini zokucina kumele Aphenduke njalo, kodwa iNsika yoMlilo ifanele iphenduke njalo ukubonakalisa iNdodana yomuntu, bona, ukutshengisa iLizwi, ukuKhanya. Amasiko, ayekhona, azasuswa. Akulalutho olizakuYikhathaza; kuzakwenziwa, kungenani. Nkulunkulu dabulela nje lezo zinhlanganiso zamasondo lemikhuba phansi.

Kuluhlobo bani loMoya Azakwenza ngawo? Njengalokho Akwenzayo endaweni yakuqala. Khangela lokho Akwenzayo ensukwini zikaElija, ensukwini zikaJohane. “Lingacabangi ukuthi lithi ngaphakathi kwenu ‘liloAbrahama ukuba ngubaba,’ ngoba uNkulunkulu uyelonisa kulawamatshe ukuphakamisela uAbrahama abantwana.” Bona? Lingacabangi, “Ngoba, ngingowalokhu futhi ngingowalokho.” Bona? UNkulunkulu edabula ivesili, bona, ukutshengisa ukuthi Ungubani. Bona, khangela ivesili lapho lidabuka lapha manje, siyathola manje.

<sup>117</sup> Manje, futhi ngesinye isikhathi, nxa umuntu wadlula phakathi kwaleloveyili, kwakuyikufa masinya. Manje kuyikufa ukungedluli phakathi Kwalo! Ameni. Nxa ungeke udabule leloveyili lesiko, udilize lowomduli wenhlanganiso yesonto, ubone uNkulunkulu emandleni Akhe, kuyikufa. Lapho okwake kwaba yikufa ukungena phakathi, manje yikufa ukuhlala phandle. IsiHlalo sonke seSihawu sihlezi sibonakala obala, loba ngubani engaSibona, ivesili lidatshuliwe. Dumo kuNkulunkulu! IsiHlalo sonke seSihawu siyabonakala obala.

<sup>118</sup> Ukuthi uNkulunkulu wayengaba lesihawu kanjani phezu kwezoni ezimbi njengathi, lapho WaZifihla, wayeyimfihlakalo. Futhi manje Siyabonakala obala, kumbe kubonakala ngokugcweleyo, kwambuliwe ngeLizwi Lakhe. Kuhlezi kuyiLizwi, isikhathi sonke, lowo nguNkulunkulu. YiLizwi elikuvulayo. Nxa labobantu babengabe belazile iLizwi likaNkulunkulu lolosuku lapho uJesu esifa, ngabe babezabe bebonile isiHlalo seSihawu, babezabe bebonile ukuthi WayeNgubani.

<sup>119</sup> “Wayengubani Lowo khona-ke? Kungani ivesili ladabuka?” Khumbula, kwakuyikufa ukungena phakathi Kwalo. Akulamuntu owayekubona. UMose waKubona kuyisimo, Kwakuyi kuvunguza...kwakungu—ngumhlane woMuntu. Awu, nanku Kulapha, kusopha kubuyela emuva, lowoMuntu ofanayo! KwaKuyini? UNkulunkulu wayefuna ukubatshengisa isiHlalo seSihawu. UNkulunkulu wayefuna ukubatshengisa ukuthi

Waye Ngubani. Ngakho iveryili ethempelini, kusuka esandleni sikaNkulunkulu, phezulu, ladatshulwa kusuka phezulu kusiya phansi, futhi kwatshengisa uNkulunkulu ebonakala obala. KwakunguJesu Khristu elenga esiphambanweni, iSihlalo seSihawu. Futhi kwakuyini? Abantu babephumputhekile kakhulu ukuKubona.

<sup>120</sup> Manje sekuphindile njalo, amasiko abo! Kanjani, khona-ke, ngoSuku lwePhentekhosti, iLizwi labuya futhi lalisemweni se “Ndodana kaNkulunkulu.” Futhi baqala ukukuhlela eNayisiya, Roma. Futhi, into yokuqala, bahamba kuMethodisti, Baptisti, Presbyterian, amaPhentekhostali, lokunjalo. Kulisiko elihleliweyo kuze kuthi umuntu akasakwazi lapho ame khona.

Kodwa, dumo kuNkulunkulu, Wathembisa ensukwini zokucina lokho Ayezakwenza. Wayezatshengisa iLizwi Lakhe libonakale obala, livuliwe phambi kwethu njalo, bona, aLivule.

<sup>121</sup> Nxa babengabe belazile iLizwi, babezabe bazile ukuthi Wayengubani uJesu. Nxa umuntu wayesazi kuhphela iLizwi likaNkulunkulu, uzakubalazi iholo esiphila kilo lalokho okwenzakalayo. Bayala ukulalela kuleloLizwi. Amasiko abo! Kuyini okwabangela lawomaJuda ukubona lokho? Ini? Kukhangeleka njengokuthi babengabe bebonile ngempela, ngoba into yadatshulwa yavuleka. Yadatshulwa yavuleka okwenjongo.

<sup>122</sup> Imvuselelo leyi ingeyani okwamanje? Ingaphumelela kanjani na? Ingabusiswa kanjani na? Angilandaba ukuthi ilabalingiselil abangaki elabo, kumbe loba yini okunye, lokho aku... Lapho uMose ephuma, kwakulexuku elixubeneyo elahamba laye. Kodwa kwenzelwani na? NguJehova Sibisakhe ekhupha iveryili kuNkulunkulu, ukutshengisa umehluko phakathi kokuhle lokubi. Okuyikuthi, Methodisti, Baptisti, Presbyterian, kumbe ngubani oqondileyo? ILizwi likaNkulunkulu liqondile! “Makuthi lonke ilizwi lomuntu libe ngamanga, futhi eLami iQiniso.” UNkulunkulu kadingi umchasisi. Uzenzela ukuchasisa Kwakhe uQobo. UyaKubonakalisa, futhi ebo-...linikeza ingcazel. UNkulunkulu ezembula Sibisakhe. O, minabo! Khona phakathi kwethu, sibona isandla Sakhe esikhulu sikhulumia izinto lezi, sisenza izinto lezi.

<sup>123</sup> Ngileyinye into ngalokho lobibusuku, bona, ngokuthi sikhangele kanjani isandla sikaNkulunkulu, lokho Esikwenzayo, ukuthi sizisombulula kanjani. Bona?

<sup>124</sup> Futhi abantu bathi, “O, Lowo ngumbhedo. Lokho yikudlulisa amalawulo lapho. Kakulalutho kuLokho. Ngumbhedo lowo. Lowo nguBhelizebhahbu. Lowo ngudeveli. Lokho yikubhula. Yikho yilokhu.” Bona, into efanayo abayitshoyo Ngaye.

<sup>125</sup> O, bandla, futhi nxa ithephu leyi iphuma, kaliboni, batshumayeli beVangeli, lapho eliphila khona? Kaliboni yini

ihola esiphila kulo? UNkulunkulu, ezitshengisa Sibisakhe, ebeka eceleni...Khangela, Wathatha leloveyili lethempeli futhi walidabula izicucu, ukuze babone uNkulunkulu ebonakaliswe obala, futhi babephumputhekile kakhulu ukuKubona. Futhi Wenze into efanayo lamuhla, ebeka iLizwi Lakhe khona phambili, lokho Akuthembisayo. Sonke isithembiso eLizwini, sibekwe khona phambi kwethu, sibonakaliswe obala!

<sup>126</sup> Liyakwazi lokho ibandla labeZizwe elikwenzayo? Into efanayo ibandla lamaJuda elakwenzayo, laliphumputhethe kakhulu ukuKubona. Yikho kuphela. Kuzakuba senhliziyweni zabo njengalokho okwakuyikho ngalolosuku.

<sup>127</sup> Nanzelela, ukufa, ukuhlala khatshana Lakho manje. Kufanele udlule phakathi kwaleli iveyili, kungenjalo awusoze. Ukuthi uNkulunkulu engaba njani lesihawu kibo, kodwa khumbula lokho okwakuyikho, ukuthi uNkulunkulu uyabonakalisa lokho okwakungemuva kwaleloveyili. Khangela okwakungemuva kweveyili, iLizwi! Kuyini elakumbozayo? ILizwi! Kwakuyini? Liphakathi komtshokotsho. KwakuyiLizwi elalifhlwe yisimbombozo. Bona? Futhi uJesu wayeyileloLizwi, futhi uyileloLizwi, futhi iveyili lenyama Yakhe laLifihla.

<sup>128</sup> Futhi lamuhla iveyili lamasiko lifihla iLizwi njalo, lisithi, "Akunjalo." Kodwa Kunjalo! UNkulunkulu ufakaza Ngakho, ekhalimela Sibisakhe njengokukhazimula kwelanga, phambi kwabantu bonke, futhi bayehluleka ukuKubona. Nkulunkulu, woba lesihawu kithi.

<sup>129</sup> Ngomfanekiso, uMose esiza evela eBukhoneni bukaNkulunkulu, eleLizwi likaNkulunkulu lalesosikhathi. Manje khangelani, manje sesikuExodusi 19. Lingakweqi lokhu manje. UExodusi 19, uMose uyeza evela eBukhoneni bukaNkulunkulu, kumbe 20 lo 21, 19:20 lo 21. UMose uyeza evela eBukhoneni bukaNkulunkulu. WayeseLizwini. ILizwi selilotshiwe. Futhi yena, eBukhoneni bukaNkulunkulu, eleLizwi, wayeleLizwi lalesosikhathi. KuleLizwi lesikhathi ngasinye. Futhi uMose esiza, ubuso bakhe bakhazimula kangako! Bona? ILizwi lalikuye, lilungele ukubonakaliswa, linikezwa phandle ebantwini.

<sup>130</sup> ILizwi leqiniso, uNkulunkulu wayelibhalile, futhi laliloMose. Nanzelela, KwakunguMose futhi wayeselungiselele ukubonakaliswa. WayeyiLizwi kubo, wayeyiLizwi eliphilayo, lifihliwe. Wazimboza Sibisakhe, uMose kwakufanele abeke iveyili ebusweni bakhe uqobo. Ngani? WayeyileloLizwi. Ameni. ILizwi lelo lize laziwe, uMose kwakufanele azimboze sibisakhe. Ameni!

LiyaKubona na? Loba ngaphi iLizwi elikhona, Limboziwe.

<sup>131</sup> UMose wayeleLizwi. Manje khumbula, emva kokuba iLizwi libonakalisiwe, uMose wabanguMose njalo. Bona? Kodwa lapho iLizwi lelo lisasephakathi kwakhe ukunikezwa,

waye nguNkulunkulu; awu, wayengasenguye uMose futhi. WayeleLizwi leNkosi lalesosikhathi. Kwakungelanto eyayingamthinta lokho kuze kuphele; wayelalelo Lizwi kanye laye. Ngakho, ngakho-ke, lapho esiza, abantu batshibilikisa amakhanda abo; babengelakuzwisia. Babeguquliwe. Wayengumfo owahlukileyo. Wabuya kanye laleloLizwi. “Futhi wabeka iveyili,” iBhayibhili lathi, “ebusweni bakhe,” ngoba wayeleLizwi. Futhi wayeyiLizwi kibo.

<sup>132</sup> Manje khangela, nxa uMose... O mfowethu, lapha kuzakuba yinhlamba. Kodwa nxa uMose... NjengoPhawuli watsho lapha kwabaseKhorinte besiBili, isahluko 3. Nxa uMose kwakufanele ambomboze ubuso bakhe ngalolohlobo lweNkazimulo pheu kwakhe... bona, ngoba leyo kwakuyinkazimulo yemvelo, lowo kwakungumthetho wemvelo. Futhi nxa uMose, esazi ukuthi lowomthetho wawumele ubhubhe, kodwa iNkazimulo yayinkulu kakhulu okokuthi yaphumputhekisa abantu, ngakho kwakufanele bafake iveyili ebusweni bakhe, IZakuba kangakanani na? Bantu abaphumputhekisiweyo ngokomoya! Uh-huh. Leyonkazimulo yayizakuphela, kodwa liNkazimulo ayisoze iphele. Bona? UMose waye lemithetho yenyama, ukulahlwa, kungelamus, kungelalutho; kwakukulahla nje. Kodwa Lokhu esikhulumu ngakho... Lokho kwakungela xolo, lokho nje kwakutshela lokho owawuyikho nje. Lokhu kukunikeza indlela yokuphuma.

<sup>133</sup> Futhi lapho leloLizwi lisembulwa, o, minabo, Izakuba luhlubo bani bobuso obuyibo na? Kuzamele limbombozwe. Kumele limbombozwe. Manje nanzelela. Ngakho uMoya umbomboziwe ethempelini elingumuntu, bona, Yena ukukhulumu amazwi enyama ngeveyili lemvelo.

<sup>134</sup> Manje, uPhawuli ekhulumu lapha manje, futhi kulu-kulumqondo, iLizwi loMoya, “Singabatshumayeli, hatshi ngencwadi, umthetho; kodwa singabatshumayeli abenelisayo bakaMoya,” ukuthi uMoya uthatha incwadi futhi uYibonakalise.

<sup>135</sup> Lowo kwakungumthetho nje, wawumele uhambe uwukhangele, uthi, “Ungafebi. Ungantshontshi. Ungaqambi amanga. Ungenzi lokhu, lokho, kumbe okunye.” Bona? Wawumele ukhangele kulokho.

<sup>136</sup> Kodwa lowu nguMoya obuya phezu kweLizwi elathenjiswayo okwalesi isikhathi, futhi uyaletsha futhi ubonakalise, hatshi izibhebhe ezimbili zamatshe, kodwa uBukhona bukaNkulunkulu ophilayo. Hatshi umcabango wensumansumane owenziwe ngumuntu, kumbe iHoudini ethile, isalamusi; kodwa isithembiso uqobo sikaNkulunkulu sambuliwe futhi sabonakaliswa khona phambi kwethu. Kungaba luhlubo luphi lweveyili olungaba yilo ngemuva? Futhi uku—ukulahlekewa yilokho... .

<sup>137</sup> Bona, lokho kwakukukhulu kakhulu labantu baze bathi, bathi lapho bebona uJehova esehla phansi kuliNsika yoMlilo, futhi waqala ukunyikinya umhlaba, futhi—futhi lezinto Azenzayo, lentaba ibhebba. Futhi loba ngubani ezama ukuya kuleyontaba, wabhubha. Kwakukukhulu kakhulu loMose waze wesaba ukuzamazama. Khona—ke, nxa leso sikhathi Wanyikinya nje intaba, lesi isikhathi Uzakunyikinya amazulu lomhlaba.

<sup>138</sup> Pho—ke LiNkazimulo? Nxa lokho kwakumboziwe ngesimbombozo semvelo, lokhu khona ku...kumboziwe ngesimbombozo sikamoya. Ngakho ungazami ukukhangela okwenyama; ngena eMoyeni futhi ubone lapho okhona, bona ukuba lihola liphi esiphila kilo.

<sup>139</sup> KuyaZwisiseka kuwe yini? Bona, Kuliveyili likamoya elingaphezu kwabantu, uthi, “NgingumMethodisti. Ngiyafana lomuntu wonke. NgingumBaptisti. Futhi ngingumPhentekhostali.” Alikunanzeleli, leyonto yisimbombozo samasiko? Kufihla uNkulunkulu kuwe. Yizo izinto ezikwenqabela ukukholisa konke...

O, uthi, “Ngiyamemeza futhi ngiyeqayeqe.”

<sup>140</sup> Wathi, “Lonke iLizwi!” UEva wakholwa iLizwi lonke kodwa elilodwa. Bona? YiLizwi eligcweleyo likaNkulunkulu, isithembiso salelihola sibonakalisiwe. Bona?

<sup>141</sup> Nanzelela manje lapho siqhubeka. Silokunengi lapha okokukhulum ngakho, kodwa ngilamapheji angaba amatshumi amabili, kodwa khona...a—amanothi, kodwa a—angisoze ngikhulume ngawo wonke. Bona, ngizaphangisa.

<sup>142</sup> Umboziwe ngesimbombozo semvelo engakakhulum iLizwi ebantwini. Manje, uNkulunkulu kumele azimboze Sibisakhe, njengoba Watembisa, enyameni yomuntu. UNkulunkulu! LiyaKuthola na? UNkulunkulu kumele azimboze Sibisakhe enyameni yomuntu, futhi abeke iveyili likamoya phezu kwabo, (uthi, “Awu, ngiyilokhu futhi ngiyilokho”), ukuze akhulume ebantwini. Lapho leyoveyili, okuliveyili lamasiko, lidatshulwa phakathi, khona—ke i...lokho abakutshoyo, “Ngani, insuku zezimangaliso sezadlula.”

<sup>143</sup> Umfo othile wathi kimi ngolunye usuku, u—umtshumayeli weBaptisti omncinyane phandle lapho, wabuya kimi, uMfowethu Green, futhi wathi, “Mfowethu Branham, nansi into eyodwa engilayo ngawe.” Wathi, “Uzama ukwenza abantu...” Kwakuphansi eRamada Inn, lapho silomhlangano phansi lapho. Wathi, “Uzama ukwenza abantu bakholwe esikhathini sabapostoli, ukuphila lamuhla njengalokho ababeyikho ngesikhathi sabapostoli.” Wathi, “Isikhathi sabapostoli saphela kanye labapostoli.”

Ngathi, “Saphela yini?”

“Yebo.”

Ngathi, “Ngubani owaye yisikhulumi esikhathini sabapostoli?”

Wathi, “Abapostoli abalitshumi lambili endlini yaphezulu.”

<sup>144</sup> Ngathi, “Khona-ke uPhawuli wayephandle.” Ngathi, “Isikhulumi sasinguPetro. Futhi uPetro wathi, ngoSuku lwePhentekhosti, lapho bebona konke lokhu kusenzakala, futhi uMoya oNgcwele usebenza, wathi, ‘Isithembiso ngesenu, lakubantwana benu, futhi lakubo abakude, labobonke iNkosi uNkulunkulu wethu ezakubabiza.’ Nxa Eloku ebiza, khona-ke Into efanayo ilapha. Kunini lapho isikhathi sabapostoli esaphela khona-ke? Isikhathi sabapostoli siphela lapho uNkulunkulu esima ukubiza.” Kazange akhulume ulutho kodwa wathatha ingwane yakhe futhi wahamba.

<sup>145</sup> Kuthatha iLizwi ukukwenza. KuyiLizwi. UJesu watshela uSathane, “Kulotshiwe.” Bona? Yikho, “Kulotshiwe.”

<sup>146</sup> Ngathi, “UPhetro watsho ukuthi akusoze kuphele. Labo bonke iNkosi eyababizayo, lesiSibusiso sasingesabo. Manje wena uthi, ‘Wama.’ Nini?”

“Akula kukhubekisa okwenziweyo?”

Ngathi, “Hatshi, mnumzana, ngitsho lakancinyane. Qhubekela phambili.” Uh-huh. Khona lapho. Bona?

<sup>147</sup> UPhetro watsho ukuthi kwakungokomuntu wonke uNkulunkulu azambizela, wayezakwamukela iSibusiso esifanayo sabapostoli. Yilo—yilo iLizwi leNkosi. Bona?

<sup>148</sup> Manje iveyili lemvelo. UNkulunkulu, iLizwi, limbomboziwe enyameni yomuntu. Kwakuyini? UNkulunkulu wayembomboziwe kuMose. UNkulunkulu wayekuMose, embomboziwe, futhi uBukhona bukaNkulunkulu babukuye. Wayephelele kangako elaleloLizwi phakathi kwakhe kanjalo, waze wambomboza ubuso bakhe. Futhi kwakungumprofethi oqinisiweyo owasombulula iLizwi futhi wabatshela, “Ungaze wenza! Ungenzo! Futhi ungaze wenza!” Bona?

<sup>149</sup> Ukunika iLizwi Lakhe kulesosizukulwane, Wazimbomboza Sibisakhe emuntwini, kungenjalo iLizwi lalizabe liphumputhekise lababiziwego. Bona? Ngitsho labantu ababephandle lapho, babengelakukumela ukukubona lokho. Ku—kuExodusi siyafumana ukuthi, bathi, “Makuthi uMose akhulume, hatshi uNkulunkulu.” Bona kungani iNsika yoMlilo ingabonakali kakhulu? Bona?

<sup>150</sup> UNkulunkulu wathi, “Ngi—Ngi—Ngizakwenza lokho. Ngizakubavusela uMprofethi.” Amen! “Ngizakubavusela oyedwa.” Futhi Wabuya khona ngokunjalo. “Ngizavusa, futhi Uzakuba, uzakuba yiLizwi.”

<sup>151</sup> Wathi, “Nxa befuna ukubona lokho iLizwi eliyikho...” Wathi, “Manje, Mose, ngabonakala kuwe ngalena, isihlahla esivuthayo.” Wathi, “Ngizakwehla phansi futhi ngilumathise

leyontaba ngomlilo.” Wathi, “Bazabona ukuthi ukhulume iqiniso. Ngizabonakala lapha phakathi e—phakathi e—ngefanayo indlela evuthayo. Ngizabonakala lapha futhi ngifakaze ebantwini, Ngizaqinisa inkonzo yakho.” Yikho lokho Akutshela uMose lapha, amazwi amanengi kangako.

<sup>152</sup> Nanzelela, Wathi, “Manje ngiza—ngizakukhzimulisa phambi kwabantu.” Wathi, “Manje, wabatshela ukuthi Ngahlangana lawe phandle lapho esihlahleni esivuthayo; manje ngizakwehla phansi, uMlilo ofanayo, futhi ngizakwenza abantu babone ukuthi awukaze uqambe amanga Ngakho.” UngaKufakaza ngokwesayensi, loba, nxa ufuna ukukwenza. Bona? “Ngizakwehla khona phansi futhi ngibenze babekwazi.”

<sup>153</sup> Futhi lapho Eqala ukuduma, lapho uJehova eqala ukuduma, abantu bathi, “Hatshi! Hatshi! Hatshi! Ungavumeli uJehova akhulume; siza—sizakufa.”

<sup>154</sup> Bona, Wayemele ukuthi ambombozwe, ngakho uNkulunkulu wazimboza Sibisakhe kuMose futhi wanika uMose iLizwi. Futhi uMose wehla phansi futhi wakhulum iLizwi leNkosi, phakathi kweveyili ebusweni bakhe. Kunjalo na? UJehova embomboziwe esimweni somprofethi, ngoba kwakuzakuba ngempela... Futhi uNkulunkulu wathi Wayengeke akhulume labo njalo kanjalo. Wayezakukhuluma labo kuphela ngomprofethi. Yiyo indlela kuphela Ayengakhuluma ngayo kusukela lapho kusiya. Yiyo indlela kuphela Ake wakhulum ngayo. Kunjalo. Akula enye indlela. Akaqambi amanga.

<sup>155</sup> Nanzelela, uMose kuphela wayeleLizwi. Manje, kwakungela i—iqembu lehla phansi, kwakungayisibo nje abaFarisi, kumbe abaSadusi, kumbe kwakungayisilo i—ihlelo elithile kumbe umhlobo. KwakunguMose! Wathola umuntu oyedwa. Angeke athole ingqondo ezimbili kumbe ezintathu ezechlukeneyo. Uthatha umuntu oyedwa. UMose wayeleLizwi, futhi uMose kuphela. UJoshuwa akazange abeLalo ngitsho. Akula omunye owayeLalo. Amen! UJoshuwa waye yi—yinduna; uJoshuwa wayengumkhkheli webutho; UJoshuwa wayelikholwa, umKhristu. Kodwa uMose wayengumprofethi! ILizwi kalingeke lize kuJoshuwa; Kumele libuye kuMose. Wayengumprofethi omkhulu wehola. Nanzelela, iLizwi kalizange libuye kuJoshuwa kwaze kwathi uMose esehambile. Hatshi, mnumzana. UNkulunkulu usebenza loyedwa ngasikhathi sinye. UNkulunkulu munye. Bona? Manje, uMose kuphela wayeleLizwi, hatshi iqembu.

<sup>156</sup> Khangela, uNkulunkulu waxwayisa loba ngubani ukungazami ukulandela uMose phakathi kwalelo veyili; abalingiseli. Bona? Mfazi, ndoda, mpristi, loba ngubani, ulobunkulunkulu kanjani, ungumuntu okunjani, ulodumo olunganani babengokunganani; Waxwayisa, “UMose makabuyu yedwa! Futhi nxa loba nguphi umuntu, ngitsho inyamazana,

ithinta, kumele ibulawe khona lapho.” Ungaqali phambi kwalelo veyili. Leloveyili lingelomuntu oyedwa. Lowo Mbiko uwodwa. Bona? Ethempelini, indoda eyodwa yangena kanye ngomnyaka, egcotshiwe futhi yalungiswa ukungena phakathi; hatshi ukuletha iLizwi, kodwa ukunikela igazi. Ukuhamba ngitsho phakathi lapho phambi Kwakho, oyedwa kuphela. Loba nguphi omunye umuntu wayesifa. Bona?

<sup>157</sup> Bayafa ngokomoya manje. Lesi yisimbombozo sikamoya. Bona? Lesiyana kwakuyisimbombozo semvelo. Lesi yisimbombozo sikamoya. Bona? Baqhubeka behamba bengena ngemuva lapho, ungabatshela. “O, ngiyakwazi! Ngiyakwazi lokho, kodwa ngi . . .”

Ngathi, “Qhubekela phambili, kulungile, kukhuluma kuphela . . .” Liyakhumbula, isifo sokucina eGibhithe kwakuyikufa, ngaphambi kokuphuma. Isifo sokucina emhlaben ikuva kukamoya, ngaphambi kokuphuma. Khonake bazakutshisa futhi babuyeole othulini, futhi abalungileyo bazahamba phezu komlotha wabo. Kodwa into yokucina ikuva kukamoya, ukwala iLizwi.

<sup>158</sup> Manje nanzelela, uNkulunkulu waxwayisa loba ngubani ukungazami ukulandela uMose eveyilini loMlilo. UMose wayemele ambozwe, wayemele aphume lapho. UMose wangena njengoMose, wangena kuliNsika yoMlilo; futhi lapho ephuma phandle, wayemboziwe. Ngoba, wangena phakathi Lapho, ngaphandle kwamasiko akhe, imikhuba yabadala. Wayebone iNsika yoMlilo, kodwa manje usengena eNsiken yoMlilo. Bona? Amen! Futhi waphuma, emboziwe. ILizwi likaNkulunkulu emuntwini, limbomboziwe! Nangu esiza ephuma phandle, o, minabo, ngiyakubona. Waxwayisa kungabi lomuntu ozamayo, akulamuntu ongalingsela Lokho. Kungcono ungakwenzi. Bona? Loba umpristi kumbe indoda engewe, loba kwakungubani onguye, ukhadinali, ubhishopi, loba yini okunye, ezama ukungena phakathi kwaleloveyili, wayesifa. UNkulunkulu wabaxwayisa. Asisoze sibe lokulingisela.

<sup>159</sup> ILizwi Lakhe lebulwa koyedwa. Kuhlezi kunjalo, umprofethi weza leLizwi leNkosi, isikhathi ngasinye, sonke isikhathi, phansi kusehla eMbhaweni. ILizwi libuya koyedwa. Kuso sonke isikhathi, okufanayo, loba ezikhathini zebandla, kusukela ekuqaleni kusiya ekucineni. Abanye balezindawo zabo, kunjalo, nanzelela, kodwa hlala khatshana laleyoNsika yoMlilo. Bona? Yisifundo esinganani esisifundayo lapha! Bona, wonke umuntu efuna ukuba nguMose, futhi wonke umuntu . . .

<sup>160</sup> Liyakhumbula lokho uDathani labanye abakutshoyo phandle lapho? Bathi, “Manje, Mose, mana lapha okomzuzu nje! Uzethesa umthwalo omkhulu kakhulu, bona. Manje, kulamanye amadoda lapha uNkulunkulu awabizileyo.”

<sup>161</sup> Lokho kuliqiniso. Bona, munye ngamunye, babelandela kuhle ingqe bengenelana, kodwa lapho omunye ezama ukuvuka futhi athathe isikhundla sikaNkulunkulu Asiph uMose, esasimiselwe phambili futhi sagcotshelwa kulowomsebenzi, ezama ukusithatha, umlilo wehla phansi futhi wavula umhlaba futhi wabaginya khona phakathi kwakho. Bona? Bona? Nanzelela. Bona? Woba ngolungileyo nje, umKhristu kaNkulunkulu olobunkulunkulu, okholwa iLizwi. Bona? Hlala khatshana laleyo Nsika. Yisifundo bani!

<sup>162</sup> UNkulunkulu wayebonakale kuqala kuMose esihlahleni esivuthayo, uNkulunkulu wayembomboziwe eNsikeni yoMlilo. Manje lalelisani manje okomzuzu. UNkulunkulu, kuqala wabuya kuMose, Wayembomboziwe. UNkulunkulu wayeseNsikeni yoMlilo, efihlwe emuva esihlahleni, bona; njengemuva kwezikhumba, bona, emuva esihlahleni sesihawu ku-altare. Bona? Wayembomboziwe. Uhlezi embomboziwe. Futhi lapho Esiza kuMose, WayeseNsikeni yoMlilo, embomboziwe eNsikeni yoMlilo. Kodwa lapha, phambi kwabantu, uNkulunkulu wamqinisa ngeNsika yoMlilo efanayo. Bona? UMose wathi...

<sup>163</sup> Manje khangelani. Liyabala yini? Liyayekela na izingqondo ziphephethekela kude na? Ungakwenza? Unga...“Lowo olendlebe, makezwe.” Bona?

<sup>164</sup> Lapho uNkulunkulu ebonakala kuMose, kwakuphakathi kweNsika yoMlilo, lapho Embizela enkonzweni yakhe. Futhi uMose wabuya futhi watshela abantu ngakho. Babengelakukukholwa, kukanti wenza izimanga lezinto. Kodwa, lesi isikhathi, Yena ngokubonakalayo, wabonakala ngokwesayensi futhi waqinisa inkonzo kaMose ukuba nguNkulunkulu ofanayo owakhulumu kuye, ngoba Wabonakala esimweni seNsika yoMlilo futhi walumathisa intaba ngomlilo. Futhi Yabuya kuMose esixukwini, wakhulumu laye. Kulungile.

<sup>165</sup> Ukubonakala kokuqala kukaNkulunkulu, kuMose, esixukwini esivuthayo, isimbombozo. Phambi kwabantu, uNkulunkulu emboziwe njalo futhi waqinisa uMose, ngeveyili, ngokuzimbombozo Sibisakhe ngoMlilo ofanayo, iNsika yoMlilo efanayo yehla phansi. Kusukela–kusukela lapho... Kusukela kibo, ukuze bazwe kuphela iLizwi likaNkulunkulu. Liyakuthola? ILizwi nje, bezwa iLizwi Lakhe. Ngoba, uMose waye, kibo, iLizwi eliphilayo. UMose! Bona, uNkulunkulu wayefakazele iLizwi lelo ngoMose! Bona, uMose wathi... UNkulunkulu wathi kuMose, “Yehla phansi lapho. Ngizakuba lawe. Yena u...Akula lutho oluzakuma phambi kwakho. NGINGUYE ENGINGUYE.”

<sup>166</sup> UMose wehla phansi, futhi wathi, “Ungayekela ukukholwa lokhu, mhlawumbe, kodwa uNkulunkulu wabonakala kimi eNsikeni yoMlilo futhi Wangitshela izinto lezi.”

<sup>167</sup> “O, silenhlobo zonke zezinto ezinjalo ziqhubeKA.” UFaro wathi, “Ngani!” UMalusi Faro wathi, “Awu, uleqhinga lamasalamusi elamangamanga. Ngani, ngilabamasalamusi lapha abangaphendula inyoka ibe yi... intonga—intonga ibe yinyoka. Wozani lapha, bamasalamusi.” Futhi beza khonapho futhi benza into efanayo.

<sup>168</sup> UMose wayesazi. Akula lutho olwamhluphayo. Ukuthi bangaki abalingiseli ababelabo, akuzange kwenze umehluko omncinyane. UMose wema nje wathula. Into yokuqala uyazi, zahuquzel a ngalapho okwesikhatsana, futhi, khonapho, inyoka kaMose idla nje ezinye zazo. Bona? Ngani? Njengabo abapostoli, babengelakuKuchasisa. UMose kazange akwazi ukuthi uNkulunkulu wayezakwenza njani, kodwa Wayezakwenza.

<sup>169</sup> Khumbula, Wathi uJambresi loJanisi bazaphenduka ensukwini zokucina, bona, ukulingisela. “Futhi bazakhohlisa abaKhethiweyo uqobo nxa kungenzeka,” Mathewu 24:24. Bona? Khona kanye nje izinto ezifanayo, benza uhlobo olufanayo lwezimangaliso lakho konke. Khangela leloLizwi! Khangela leloLizwi! Umuntu uthi wenza isimangaliso futhi elokhe efuna ukukholwa ukuthi kulabonkulunkulu abathathu, futhi kukhona zonke lezi inhlobo; suka kulolohlobo. Siyawazi ukuthi lokho—lokho kubi, bona, akulanto enjalo. Bona? ILizwi, lonke iLizwi, lonke iLizwi eliphuma emlonyeni kaNkulunkulu! Genesisi, iLizwi elilodwa! Ngangapha, wathi, “Ungaphunguli kumbe wengeze ilizwi elilodwa.” Bona, Kumele kuge yileloLizwi elifanayo. Bona?

<sup>170</sup> Nanzelela, abantu babona into eyayenzakele. UMose wayembomboziwe njenge... Wayengumprefethi, futhi uNkulunkulu wayeqinise iLizwi Lakhe manje, wehla phansi lapho. Futhi wabona izibonakaliso lezimangaliso. Futhi-ke, kulungile, abantu laba bazeahlukanisa sibisabo, ibandla. Bona, ibandla kutsho “ababiziweyo.” Bona? Emva kokuba sebebiziwe emhlabeni futhi baba ngabantu, bona, khona-ke uNkulunkulu wazivumela Sibisakhe aziwe ukuthi WayeyileyoNsika yoMlilo. Wafakaza umbiko kaMose. Bona? WayeyiNsika yoMlilo. Bangabe bathatha umfanekiso Wayo, ngiyathemba, nxa ngabe babelamakhamera, ngoba konke kwaku seMlilweni. Kodwa ba—bakufakaza lokho, uNkulunkulu efakaza ukuthi uMbiko wawuqondile. UMbiko wawuseduze, yonke into yayinjalo, babezakuphunyiswa lesosikhathi. Wambomboza umprofethi Wakhe kulababantu bokuphunyiswa.

<sup>171</sup> Abantu, bayocabanga, babona enye into yenzakele kuye. Wayeseyahlukile manje kubo bonke abakoIsrayeli. Wayeyahlukile, umbiko wakhe wawuyahlukile, wayeyahlukile kubapristi, wayeyahlukile kuloba yini. Bona, wayengumuntu owahlukileyo. Abantu babona enye into yayenzakele. UNkulunkulu wayezimbozile Sibisakhe kumprofethi Wakhe, ukukhulum aMazwi Akhe kibo. Yikho lokho Ayekwenzile.

UMose wayeyileloLizwi eliphilayo ebantwini, limbomboziwe yiNsika yoMlilo, kukhuluma okwakuzakumbombozwा ngokuya kwesikhathi ngemuva kwezikhumba zobomantswane. Bona?

<sup>172</sup> ILizwi lalimele livele kuMose, kuqala. Bona? UMose wayeleLizwi. Ayebhawo nguNkulunkulu, kwakungelamuntu owayengaWachasisa, uMose kwakufanele aWachasisa, kuqala. Yiso isizatho wamboza ubuso bakhe, ngoba wa... LiyaKubona yini? Bona?

*Nanku Kulapha. SingaLithatha, siLithwale, lakho konke okunye lapho, kodwa kumele Lambulwe. Ukuze kwambulwe, uMose wayemele abe nguNkulunkulu ebantwini.*

Wena uthi, “Lowo ngumbhedo.”

<sup>173</sup> Ngani, Watshela, watshela ngitsho uMose, Sibisakhe, “Uzakuba nguNkulunkulu, futhi uAroni uzakuba ngumprofethi wakho!...?...” Bona? Ngakho nango Esiza, bona, Kwakufanele azimbomboze Sibisakhe, ngoba uNkulunkulu uhlezi engemuva kweveyili. O, minabo! LiyaKubona na? UNkulunkulu ufihlakele emphakathini.

<sup>174</sup> Wathi, “Baba, Ngiyakubonga Wena, UKufihlile kwabahlakaniphileyo labaqedisayo, futhi waKwambula kuzingane, kulabo abafuna ukufunda.” Bona?

<sup>175</sup> UNkulunkulu wacatsha ngemuva kweveyili. UMose wamboza ubuso bakhe. UMose wayeyiLizwi eliphilayo limboziwe ngalesosikhathi. Abantu babona leyoNsika yoMlilo, bathi, “Manje sisuthisekile.” Bona? “UMose makakhulume.” Bona? “Ungavumeli uNkulunkulu akhulume, hlezi sife.” UMose wangena khona kuleyoNsika yoMlilo. Bona?

<sup>176</sup> Futhi wathi manje, Wathi, “Manje Ka—Kangisayikuphinda ngikhulume kibo ngalindlela. Ngizabanika umprofethi.” Bona? Futhi yiyo indlela Ayehlezi esenza ngayo. Bona? Wathi, “Manje bayekele benyuke.” Kodwa lumprofethi kumele abe leLizwi leli. Nxa embomboziwe ngesiko, uNkulunkulu kamthumanga. Nxa embomboziwe ngeLizwi, uNkulunkulu uzaKuliqinisa. UNkulunkulu uyachasisa iLizwi Lakhe uQobo. UMose waWakhuluma; uNkulunkulu waWachasisa. Ameni.

<sup>177</sup> UMose wathi, “INkosi yatsho njalo!” Futhi iNkosi yenze nje lokho Eyakukhulumayo. Lokho kwaKwenza kwalunga.

<sup>178</sup> Manje Wathi, “Manje, Mose, uyazwisisa. Abantu bayakuzwisisa manje. Bona, Ngikutshengisile, Ngikuqinisile.” UNkulunkulu wayezimbombozile Sibisakhe ekulumpfethi, ukukhuluma iLizwi Lakhe ebantwini. UMose waye nguNkulunkulu ophilayo kibo, iLizwi eliphilayo likaNkulunkulu elibonakalisiweyo. Yiso isizatho ubuso bakhe bumbomboziwe. Bona?

<sup>179</sup> Futhi uyazi into efanayo kumKhristu oqotho umbomboziwe lamuhla, kwabangakholwayo? Babona abafazi labo belenwele

ezinde lezinto, bathi kuyi... "Khangelani lolohlobo oludala." Abafazi batshila inwele zabo ngemuva, bathi, "Ulevili elipontshileyo, ivili lesipeya phezulu lapho." Bona, konke Kumbomboziwe. Bayiziphofu. "O," bathi, "Ngile-Ph.D, L..." Angilandaba ukuthi ulani, ulokhe ungazi iLizwi. Yikho kanye. "O, lokho, leyo nje yinto encane. Ngi..." Thatha izifundo ezincinyane kuqala.

<sup>180</sup> Pho-ke abantu abathi bona bambomboziwe eBukhoneni bukaNkulunkulu, futhi batshumayele isiko lebandla? O, sihawu, kulunga! Okuyikungezelela kukho lokuphungula kukho, lakho konke okunye, ngokungenisa izifundo zabo uqobo lemicabango yabo uqobo futhi kungeyisilo iLizwi likaNkulunkulu, bona, luhlobo bani lweveyili? Ileveyili yenkolo. UNkulunkulu usedabule leloveyili lavuleka kabanzi!

<sup>181</sup> Bathi, "Akulanto enjengabaprofethi. Akulanto enjalo, kulezi insuku zokucina, enjengabapostoli labaprofethi. Akulanto enjengo kusilisa kukaNkulunkulu. Akulanto enjengababoni, futhi. Akulanto enjengoMakho 16 igcwalisika. Isikhathi sabapostoli sesedlula." BaKumbomboza ebantwini. Kodwa uNkulunkulu waphuma khona phandle loMoya oNgcwele Wakhe woMlilo, futhi wadabula into leyo kusukela phezulu kusiya pha-...[Indawo engelalutho ethephini—Mhl.] UNkulunkulu udabule iveyili.

<sup>182</sup> UMose wayeyisimbombozo, iLizwi eliphilayo likaNkulunkulu limbomboziwe ngemuva kwenyama yomuntu. INsika yoMlilo yayikuMose, yebo-ke, ekhuluma lokho okwakuzakumbombozwu ngokuya kwesikhathi ngemuva kwezikhumba, uyabona.

<sup>183</sup> Manje, lokho, iLizwi, iLizwi lalethwa phambili, khona-ke Kwakulotshiwe phandle, khona-ke Kwabekwa ngemuva futhi kulokhu kumbomboziwe, ngoba uNkulunkulu wayehlezi ekuleloLizwi. Amen! UyiLizwi, izikhathi zonke. WayekuleloLizwi. Yiso isizatho leloLizwi kwakufanele limbombozwu.

<sup>184</sup> O, mfowethu, dade liyaKubamba na? Khangela! Alikuboni na? Bekumbomboziwe kulezi izikhathi, ngalokho uNkulunkulu akutshoyo, futhi Lizavulwa ensukwini zokucina, lezoMpawu eziyiSikhombisa zizavulwa, futhi Into egcweleyo izafika egcekeni phambi kwabantu, lokho okwathathindawo isikhathi sonke. Ihola loMbiko wengilosu yesikhombisa, zonke imfihlakalo zikaNkulunkulu kufanele zazakale kulowo Elija, lelihola lokucina; ukuthi uKhristu ukhutshelwa phandle kwebandla Lakhe, iNdodana kaNkulunkulu; ukuthi Wembulwe kanjani njengeNdodana yomuntu njalo; ukuthi iBandla lizabekwa kanjani ohlelwemi, lakho konke okosuku lokucina, kungela sivumankolo, kungela nhlanganiso yesonto, yiLizwi impela nje liphila emuntwini ngamunye. "Ngizathatha omunye,

futhi ngitshiye omunye. Ngizakuthatha *lowu*, futhi ngitshiye *lowo*.” Bona? Kukhona nje...Akulazibopho, akulanhlanganiso zamasonto, akula kubopha kumbe ulutho; kuyinhlizyo loNkulunkulu, futhi Laye kuphela. Bona?

<sup>185</sup> Nanzelela, emboziwe enyameni yomuntu. UMose elaleloLizwi, ekhuluma lokho okwakuzakubekwa ngesikhathi esizayo emuva kwesikhumba sikamantswane. Ngakho lokho... Kanjalo uKhristu uMose wethu. UKhristu nguMose wethu. WayenguNkulunkulu embomboziwe enyameni yomuntu, embomboziwe ebuntwini, enyameni. Kunjalo. Futhi Ungofanayo izolo, lamuhla, lanininini. Wayembomboziwe ngezikhumba zikamantswane. Wayembomboziwe. Futhi lesi isikhathi Wayembomboziwe eMuntwini. Bona? Manje nanzelela, “ofanayo izolo, lamuhla, lanininini,” wathembisa iLizwi Lakhe kulesi isikhathi. Ulokhu enguKhristu, iLizwi elithenjisiweyo kulesi isikhathi, limbomboziwe enyameni yomuntu. ILizwi nguNkulunkulu.

<sup>186</sup> Ugcobo ngumuntu. Ibalu uKhristu litsho “lowo ogcotshiweyo,” bona, “lowo ogcotshiweyo.” Khona-ke, uMose wayenguKhristu ensukwini zakhe, wayengogcotshiweyo. UJeremiya wayenguKhristu ezinsukwini zakhe, elesabelo seLizwi lalolosuku.

<sup>187</sup> Kodwa lapho uJesu esiza, Weza njengoMhlensi OGcotshiweyo; futhi lokho kwakunguMose lakho konke okwakukuMose, lalo lonke iLizwi, lobuNkulunkulu bonke ngokomzimba babuKuye. Yiso isizatho iveryili lonke lethempeli ladabuka, futhi isihlalo sesihawu sabonakala obala ngokupheleleyo, Waye ngoGcotshiweyo.

<sup>188</sup> Nanzelela manje, iveryili enyameni yomuntu, iLizwi elithenjisiweyo kulesi isikhathi kumele limbombozwe njalo. Nanzelela. Amalunga ebandla athanda isono lezoni kazingeke ziKubone ngenxa yeveyili lobuntu.

